“uhlaka lwezombusazwe” mayelana nomasipala, kusho uMkhandlu noma naliphi ikomidi noma olunye uhlaka oludidiyelwe lukamasipala olukhethiwe, oluqokiwe noma olujutshiwe ngokulandela uMthetho Wezinhlaka Zomasipala;

“uhlelo oludidiyelwe lwentuthuko (i-IDP)” kusho uhlelo oludidiyelwe lwentuthuko lomkhandlu;

“ukudluliswa kwamandla” mayelana nomsebenzi, kubandakanya umyalelo wokwenza lowo msebenzi, “ukunikezela kunencazelo efuze leyo;

“umgwamanda odluliselwe amandla” mayelana nokudluliswa kwamandla kusho uhlaka lwezombusazwe, isiphathimandla sezombusazwe noma umsebenzi onikezwe amandla ngokubhaliwe yisiphathimandla esidlulisa amandla;

“uMkhandlu” kusho umkhandlu kamasipala, ongene esikhundleni sawo ngokusemthethweni nanjengoba kubekiwe esigabeni 157(1) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika;

“uMthetho we-MPRA” kusho uMthetho wamaReyithi oMhlaba kaMasipala woHulumeni baseKhaya, 2004 (uMthetho No. 6 ka 2004);

“uMthetho weziNhlaka” kusho uMthetho weziNhlaka zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 1998 (uMthetho No. 117 ka 1998);

“uMthetho weziNhlelo” kusho uMthetho weziNhlelo zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka-2000);

“uMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala (MPRA)” kusho uMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2003 (uMthetho No. 56 ka 2003);

“uMthethosisekelo” kusho uMthethosisekelo yeRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, 1996 (uMthetho 108 ka 1996);

“usihlalo wekomidi” kusho ilungu leKomidi eliPhezulu eliqokwe yilelo komidi njengosihlalo wekomidi elibhekele umnyango othile.

(ii) Kulo mbhalo, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile, amagama kanye nezincazelelo achaza -

- ubunye afaka nobuningi, ngokunjalo nalawo akhomba ubuningi afaka nobunye;
- umuntu phaqa kufaka phakathi umuntu osemthethweni, kanti lapho kukhulunywa khona ngomuntu osemthethweni kufaka phakathi umuntu phaqa.

UMLANDO

UMthethosisekelo weRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika uyasho ukuthi amandla omthetho nokuphatha omasipala asemikhandlwini yomasipala. Umasipala unemisebenzi kanye namandla onikezwe wona ngokwezigaba 156 kanye no 229 zoMthethosisekelo.

Isigaba 53 soMthetho Wezinhlelo sibeka ukuthi umasipala kumele achaze amaqhaza athile kanye nezinto okumele zenziwe wuhlaka ngalunye lwezombusazwe noma isiphathimandla sikamasipala kanye nemenenja kamasipala. La maqhaza kanye nezinto okumele zenziwe kungabandakanya ukudluliswa kwamandla kanye nemisebenzi.

(i) Ikhono lokusebenza nokuphatha

Njengoba inhlosongqangi yokudluliswa kwamandla okuphatha kungukuthola ukuzuza impumelelo eseqophelweni eliphezulu yezokuphatha nokusebenza, ukufezekisa amaqhaza, izibopho kanye nemisebenzi yezinhlaka zezombusazwe, iziphathimandla zezombusazwe kanye nemenenja kamasipala, isigaba 53(2)(a) sidinga ukuba lawo maqhaza kanye nezibopho kucaciswe kahle, ngokulandela amaphuzu ehlukene okuzosetshenzelwa phezu kwawo, kwemukelwe futhi kufezekiswe ngezinye izindlela ezibhaliwe zikamasipala. Ngaleyo ndlela akubi khona ungabazane kanti nemigudu yokubika iyacaciseka.

Obunye ubuhle ukuthi wonke umuntu uyabandakanyeka, umuzwa wokubambisana uyakhuthazeka, izinqumo zithathwa emazingeni afanele kube kuncane kakhulu ukubambezeleka, kanti nabasebenzi abasemazingeni aphansi bayathuthukiseka, bakhule futhi bakhuthazeke.

ISAHLUKO SESIBILI

AMAQHAZA KANYE NEMISEBENZI OKUJWAYELEKILE

1. AMANDLA ABEKELWE UMKHANDLU

1.1 Amandla ajwayekile

- 1.1.1 Uphasisa imithetho yedolobha;
- 1.1.2 Wedlulisela amandla okwengamela imithetho yedolobha kwiMenenja Yedolobha kanye neziNhloko zeMinyango ezehlukene;
- 1.1.3 Unquma inqubomgomo yamasu jikelele ahambisana nalowo masipala wonkana okunikeza umhlahlandlela osezingeni eliphezulu ekomidini lawo eliphezulu okuyilona elihlahla indlela yokwakhiwa kwezinye izinqubomgomo;
- 1.1.4 Uphasisa uhlelo oludidiyelwe lwentuthuko (i-IDP);
- 1.1.5 Ukhetha amalungu eKomidi eliPhezulu, uSodolobha, iSekela likaSodolobha kanye noSomlomo;
- 1.1.6 Udlulisa amandla afanele okuthatha izinqumo ngokwesigaba 59(1)(a) soMthetho weziNhlelo zoMasipala;
- 1.1.7 Ungasusa esikhundleni uSomlomo, uSodolobha, kanye/ noma iSekela likaSodolobha kanye nelilodwa noma ngaphezulu lamalungu eKomidi eliPhezulu ngokulandela imithetho efanele;
- 1.1.8 Usungula amakomidi ngokwesigaba 79 kanye nesigaba 80 soMthetho weziNhlaka zoMasipala;
- 1.1.9 Unikeza amakhansela ikhefu lokungayithameli imihlangano yomkhandlu;
- 1.1.10 Uphasisa iMithetho eyeNgamele uMkhandlu;
- 1.1.11 Unquma izinhloko zomkhandlu zezombusazwe;
- 1.1.12 Unika inhlonipho emphakathini, nokuqanjwa kwamagama ezindawo zomphakathi kanye nezakhiwo zomkhandlu ngabantu abathize;
- 1.1.13 Usungula uhlelo lokulawula ukusebenza kanti futhi kanye ngonyaka uqoka iKomidi eleNgamele ukuCwanningwa kokuSebenza;

- 1.1.14 Usungula isizinda ezinikezela ngezinsiza zikamasipala ezindaweni ezahlukene ezengamelwe yiwo;
- 1.1.15 Uphasisa ukwabiwa kwezimali ngokwezigaba ezimqoka isabelomali sikamasipala esihlukaniseke ngazo sihlukaniselwa iminyango eyahlukene, ngokuchibiyela isabelomali sokubuyekeza, ngokulandela izimfuneko zoMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala;
- 1.1.16 Wemukela, udingide bese unquma ngemibiko yocwaningo;
- 1.1.17 Uqoka imenenja kamasipala;
- 1.1.18 Uqoka ibamba lemenenja kamasipala noma ibamba leNhloko yoMnyango;
- 1.1.19 Uqoka, emva kokubonisana nemenenja kamasipala, izimenenja noma amabamba ezimenenja ezibika ngqo kwimenenja kamasipala futhi unquma imibandela yazo yokusebenza;
- 1.1.20 Unquma uhlaka lwenqubomgomo emayelana nabasebenzi bomkhandlu;
- 1.1.21 Uchitha impahla engasuki ngokwesigaba 14 nesigaba 111 zoMthetho Wwukuphathwa Kwezimali Zomasipala;
- 1.1.22 Unquma inkokhelo yamakhansela ngokuhambisana nohlaka lomthetho ofanele;
- 1.1.23 Unquma ngezikhundla zamakhansela asebenza ngokugcwele futhi ugunyaza izicelo ezibhekiswe kwiLungu Lomkhandlu oPhezulu (uNgqongqoshe Wesifundazwe elibhekele oHulumeni baseKhaya ukuba anqume ngezikhundla zamakhansela asebenza ngokugcwele;
- 1.1.24 Uqoka noma uphakamisa amakhansela kanye/noma abasebenzi ukuba bathamele imihlangano noma izingqungquthela noma imihlangano, njll, yokucobelelana kwamazwe omhlaba;
- 1.1.25 Uqokela amakhansela emakomidini eminyango;
- Umkhandidu (uma unamakhansela angaphansi kwe-15), noma ikomidi lamakhansela lingabandakanyeki esinqumweni, liqokwe wumkhandlu, (uma kunamakhansela angaphezu kwe-14), udingida izikhalazo zomuntu omalungelo akhe ahlukunyezwe yisinqumo sohlaka lwezombusazwe, isiphathimandla sezombusazwe noma ikhansela, esithathwe ngokusebenzisa amandla noma umsebenzi esinikezwe wona, kuncike ekutheni lesi sinqumo

esithathwe wumkhandlu noma ikomidi lamakhansela angeke sawahoxisa amalungelo atholakale ngenxa yesinqumo esingumsuka.

1.2 Amandla ezezimali

1.2.1 Uphasisa isabelozimali sonyaka somkhandlu kanye nanoma yisiphi isichibiyelo sawo;

1.2.2 Unquma bese ukhokhisa amareyithi, izintela zabahlali kanye nentela yezimpahla;

1.2.3 Ukhuphula izimalimboleko;

1.2.4 Uphasisa, ugcine bese uqalisa ukusebenza kwenqubomgomo yokulawulwa kanye nokuqoqwa kwezikweletu, kanye nenqubomgomo yentela yezimpahla kanye namareyithi okuhambisana noMthetho weziNhlelo zoMasipala kanye noMthetho wamaReyithi, okuyimigomo okumele ibuyekezwe kanye ngonyaka;

1.2.5 Udingida bese ubuka umbiko wonyaka kamasipala bese uphasisa umbiko wokuqapha oqukethe umbono womkhandlu ngombiko wonyaka, kubandakanya nesitatimende esiveza ukuthi –

- Kungabe umkhandlu uwuphasisile yini umbiko wonyaka ngemibandela noma cha;
- Kungabe umkhandlu uwuchithile yini umbiko wonyaka; noma
- Kungabe umkhandlu uwubuyisele emuva ukuba kuyobuyekezwa lezo zingxenyana ezingabuyekezwa.

2. USOMLOMO

Iqhaza kanye nemisebenzi kaSomlomo

2.1 Imisebenzi kaSomlomo esemthethweni

2.1.1 Wengamela imihlangano yomkhandlu futhi usayina amaminithi emihlangano yomkhandlu;

2.1.2 Kumele aqinisekise ukuthi umkhandlu uyahlangana okungenani kanye emva kwezinyanga ezintathu;

2.1.3 Wenza amalungiselelo amayelana nezinsuku kanye nezindawo okuzobanjelwa khona imihlangano;

- 2.1.4 Wenza ukuba kuhanjiswe ngokohlelo yonke imihlangano yomkhandlu futhi uqinisekisa ukuthi imihlangano ibanjwa ngokuhambisana neMithetho yeNqubo yomKhandlu;
- 2.1.5 Wenza yonke eminye imisebenzi abekelwe yona yiMithetho yeNqubo yoMkhandlu;
- 2.1.6 Uqinisekisa ukulandelwa kweNqubo yokuziPhatha ngamakhansela;
- 2.1.7 Ugunyaza nanoma yiluphi uphenyo mayelana namakhansela asoleka ngokungaziphathi kahle noma asoleka ngokwephula iNqubo yokuziPhatha yamaKhansela;
- 2.1.8 Unquma ukuthi umkhandlu uzohlanganela kuphi futhi nini;
- 2.1.9 Ubiza imihlangano yomkhandlu ephuthumayo ngokubona kwakhe noma ngokwesicelo seningi lamakhansela kumele enze njalo.
- 2.2 Umgudu Wokubika
USomlomo ubika, futhi ubophezeleke ukuba abike eMkhandlwini.

3. USODOLOBHA

IQhaza nemiSebenzi kaSodolobha

- 3.1 ImiSebenzi kaSodolobha eseMthethweni
 - 3.1.1 Wengamela imihlangano yeKomidi eliPhezulu futhi usayina amaminithi emihlangano yalo;
 - 3.1.2 Unikezela imisebenzi efanele kwiSekela Sodolobha;
 - 3.1.3 Uyanquma ukuthi iKomidi eliPhezulu lizohlanganela kuphi nini, kodwa uma iningi lamalungu ecela uSodolobha ngokubhaliwe ukuba abize umhlangano wekomidi, usodolobha kumele abize umhlangano ngesikhathi esibekwe esicelweni;
 - 3.1.4 Wemukela umbono wohlelo oludidiyelwe lwentuthuko yomkhandlu kwimenenja kamasipala, awethule eKomidini eliPhezulu, edlulise izincomo zeKomidi eliPhezulu eMkhandlwini ukuba uphasise uhlelo oludidiyelwe lwentuthuko;
 - 3.1.5 Wethula ezithebeni zomkhandlu umbiko wonyaka kamasipala;
 - 3.1.6 Kumele aqiniseke ukuthi umasipala uyazilungisa naziphi izinto eziphakanyiswe uMcwaningimabhuku-Jikelele embikweni wocwaningo;

- 3.1.7 Wenza yonke imisebenzi ngokoMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala kubandakanya, kodwa kungacini lapho –
- (a) unikeza ubuholi kwezombusazwe jikelele ezindabeni ezithinta izimali kanye nesabelozimali zikamasipala;
 - (b) wengamela ukusetshenziswa kwezibopho ezinikezelwe ngokoMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala yisikhulu esiphezulu kanye nesikhulu esengamele ezezimali; futhi
 - (c) zingakapheli izinsuku ezingama-30 zokuphela kwekota yonyaka, ethumele umbiko emkhandlwini ngokuqaliswa kokusebenza kwesabelozimali kanye nesimo sezimali zikamasipala.
- 3.1.8 Wenza imisebenzi ebandakanya imisebenzi yokumela umkhandlu, kanye nokusebenzisa amandla awanikezwe wumkhandlu kamasipala noma iKomidi eliPhezulu.
- 3.1.9 Uma usodolobha engekho noma engezile emkhandlwini, futhi umasipala ungenalo isekela likasodolobha noma nasekela likasodolobha nalo lingekho, usodolobha angaqoka ilungu leKomidi eliPhezulu ngokubhaliwe ukuba libambe njengosodolobha.
- 3.1.10 Uxoxisana futhi asayine isivumelwano sokusebenza semenenja yedolobha, futhi wengamela ukwakhiwa kanye nokuhlaziywa kwaleso sivumelwano.
- 3.2 Eminye imisebenzi kaSodolobha
- 3.2.1 Usebenza njengenhloko yezombusazwe kamasipala eshayela izinqubomgomo kanye namasu omkhandlu;
 - 3.2.2 Uxoxisana nomphakathi;
 - 3.2.3 Wemukela futhi abonisane namathimba amele izinhlangano zomphakathi, futhi enze izincomo ekomidini eliphezulu ngalokhu;
 - 3.2.4 Umela uMkhandlu emihlanganweni nasemicimbini;
 - 3.2.5 Ukhipha izitatimende kwabezindaba egameni lomkhandlu;
 - 3.2.6 Uholo izinhlelo zentuthuko namasu;
 - 3.2.7 Ubhekene nemisebenzi ephathelene nokuxhumana nomphakathi ngokubonisana nemenenja kamasipala;
- 3.3 Umgudu Wokubika

Usodolobha ubika futhi ubophezeleke ukuba abike ekomidini eliphezulu kanye nomkhandlu.

4. IKOMIDI ELIPHEZULU

Amaqhaza nemisebenzi kwekomidi eliphezulu

4.1 Imisebenzi esemthethweni yeKomidi eliPhezulu

4.1.1 Libuyekeza ukusebenza kukamasipala ukuze lenze ngcono:

- (a) umnotho, amakhono kanye nempumelelo kukamasipala;
- (b) impumelelo yemisebenzi yokulawulwa kwezikweletu kanye nokuqoqwa kwemali kanye nezikweletu; kanye
- (c) ukuqalisa ukusebenza kwemithetho yedolobha;

4.1.2 Liqapha ukuphathwa kukamasipala ngokulandela imiyalelo yenqubomgomo yomkhandlu kamasipala (ukuqapha umkhiqizo);

4.1.3 Lengamela ukuhlinzekwa kwezinsiza emiphakathini eyakhele umasipala ngendlela esimeme;

4.1.4 Libika kanye ngonyaka ngokubandakanyeka kwemiphakathi kanye nezinhlangano zomphakathi ezindabeni ezithinta umasipala;

4.1.5 Lidingida izincomo ngokuhleleka kohlelo oludidiyelwe lwentuthuko ukuze luhambisane nesabelozimali esitholakele emakhanseleni afanele;

4.1.6 Liqinisekisa ukuthi imibono yomphakathi iyalalelwa bese libika ngemiphumela yokubonisana ngezinqumo zomkhandlu;

4.1.7 Lenza izincomo emkhandlwini mayelana –

- (a) nokwemukelwa kwezilinganiso zemali engenayo kanye nesetshenziswayo, ngokunjalo nezabelomali zempahla enkulu kanye nokukhokhiswa kwamareyithi kanye nezinye izintela, izintela zabahlali kanye nezezimpahla;
- (b) nokuphasisa imithetho yedolobha;
- (c) nokwenyusa izimalimboleko;
- (d) nokuphasisa noma ukuchibiyela uhlelo lwentuthuko oludidiyelwe
- (e) nokuqokwa kanye nezimo zokusebenza kwemenenja kamasipala kanye nezinhloko zeminyango.

- 4.1.8 Libhekana nanoma yiziphi ezinye izindaba ezidluliselwe kulo wumkhandlu bese lethula isincomo ngazo ukuba sidingidwe wumkhandlu;
- 4.1.9 Libhekana liphinde lidingide zonke izinto elijutshwe ukuba lizibheke wumkhandlu ngokulandela uMthetho weziNhlelo zoMasipala;
- 4.1.10 Liqoka usihlalo noma osihlalo kumalungu eKomidi eliPhezulu, banoma yiliphi ikomidi elisungulwe wumkhandlu ngokwesigaba 80 soMthetho weziNhlaka zoMasipala ukuze lelekelele iKomidi eliPhezulu;
- 4.1.11 Linikezela noma yimaphi amandla kanye nemisebenzi yeKomidi eliPhezulu kunoma yiliphi ikomidi elisungulwe ngokwesigaba 80;
- 4.1.12 Liguqula noma lichitha naziphi izinqumo ezithathwe ikomidi elisungulwe ngokwesigaba 80, kuncike emalungelweni elinawo;
- 4.1.13 Lakha amasu, izinhlelo kanye nezinsiza zokubhekana nezidingo eziseqhulwini zikamasipala ngokusebenzisa uhlelo oludidiyelwe lwentuthuko kanye nezilinganiso zemali eqoqwayo kanye nesetshenziswayo, kubhekwe noma yiziphi izinhlelo zesifundazwe kanye nezikazwelonke bese lethula umbiko kanye nezincomo ngakho, emkhandlwini;
- 4.1.14 Kuncike emthethweni ofanele, lincoma noma linqume izindlela ezingcono, kubandakanya ukubambisana kanye nezinye izindlela zokuletha izinsiza, izinhlelo kanye nemiklamo ukuze kuzuze bonke abantu emphakathini;
- 4.1.15 Lihlonza futhi lakhe izindlela okuzohlolwa ngazo inqubelela phambili ekuqalisweni ukusebenza kwezinsiza, izinhlelo kanye nezinhloso okuhloswe ngazo ukubhekana nezidingongqangi zikamasipala, okubandakanya izinkomba zokusebenza ezimqoka ezihambelana ngqo nalowo masipala futhi ezisetshenziswayo ezingeni lohulumeni basekhaya jikelele;
- 4.1.16 Lengamela ukwakhiwa kohlelo lokulawula ukusebenza, linikezela imisebenzi ngalolu hlelo kwimenenja kamasipala bese lethula lolo hlelo oluhlongozwayo emkhandlwini ukuze uludingide;
- 4.1.17 Liqapha inqubekela phambi kusetshenziswa izinkomba zokusebenza ezimqoka okukhulunywe ngazo;

- 4.1.18 Lemukela bese lidingida imibiko yamakomidi ngokulandela imiyalelo njengoba ibekwe yiKomidi eliPhezulu;
- 4.1.19 Likhetha usihlalo ozophatha imihlangano uma bobabili usodolobha nesekele lakhe bengekho emhlanganweni esimweni lapho kunesibalo esifanele kulowo mhlango, uma usodolobha ehlulekile ukuqoka ilungu lekomidi eliphezulu ngokubhaliwe ukuba libambe njengosodolobha;
- 4.1.20 Lidingida izikhalazo zomuntu omalungelo akhe ahlukunyezwe yisinqumo semenenja kamasipala ngokwamandla adluliselwe, kuye ngokuthi leso sinqumo esithathwe yileli komidi angeke sihoxise nanoma yimaphi amalungelo okungenzeka ukuba atholakale ngenxa yesinqumo esingumsuka;
- 4.1.21 Libika, ngokubhaliwe, emkhandlwini kamasipala ngazo zonke izinqumo ezithathwe yiKomidi eliPhezulu emhlanganweni olandelayo owejwayelekile womkhandlu.
- 4.2 Eminyane imisebenzi yeKomidi eliPhezulu
- 4.2.1 Lincoma emkhandlwini emva kokubonisana neKomidi loMkhandlu elifanele, ngezinqubomgomo lapho umkhandlu uwagodlile amandla okuzenzela inqubomgomo ngokwawo;
- 4.2.2 Lincoma emva kokubonisana nekomidi elifanele elisungulwe ngokwesiGaba 79, imithetho yenqubo yemihlangano yomkhandlu bese liphasisa imithetho yenqubo yemihlangano yalo kanye neyamanye amakomidi;
- 4.2.3 Lenza izincomo emkhandlwini ngezinhloko zezombusazwe eziphakanyiswayo emkhandlwini;
- 4.2.4 Lenza izincomo emkhandlwini mayelana namandla omkhandlu okushaya umthetho;
- 4.2.5 Lenza izincomo emkhandlwini mayelana nezindlela zamasu, imikhombandlela kanye nemikhawulo yokukhuliswa kwesabelozimali esiwuhlaka kubandakanya uhlaka lwezintela zempahla;
- 4.3 Umgudu Wokubika
- IKomidi eliPhezulu libika futhi libophezeleke ukuba libike emkhandlwini.

5. AMAKOMIDI EMISEBENZI YOMKHANDLU

Wonke amakomidi emisebenzi omkhandlu abika eKomidini eliPhezulu. IKomidi eliPhezulu lingabuyisela udaba eKomidini loMnyango ukuba liphinde liludingide, liluchibiyele noma lemukele izincomo uma linikezwe amandla okwenza njalo, noma lethulele umkhandlu izincomo zeKomidi eliPhezulu.

5.1 Amakomidi emisebenzi yomkhandlu

Lokhu okulandelayo izibonelo zamakomidi emisebenzi yomkhandlu angasungulwa ngalinye noma ngokuhlanganyela ngokulandela isigaba 80 soMthetho weziNhlaka zoMasipala:

Ikomidi lemiSebenzi eDidiyelwe

Ikomidi lokuHlela neNtuthuko

Ikomidi lemiSebenzi yoMphakathi

Ikomidi leziMali

Ikomidi leNgqalasizinda

Lokhu okulandelayo yizibonelo zemisebenzi engaqoqelwa ndawonye ngaphansi kwamakomidi emisebenzi yomasipala efanele:

<ul style="list-style-type: none"> • Ezokuphatha • Uphiko lonobhala • Ezomthetho • Ukweseka umkhandlu • Izinqubomgomo nezinqubo • Ukwenganyelwa kwezakhiwo • Ukuqeqesha nokuthuthukiswa kwamakhono • Ezabasebenzi 	<ul style="list-style-type: none"> • Ukuhlela • Ukukhangisa • Uhlelo lwe-IDP • Imisebenzi yokwazisa • Ukwenganyelwa kwemvelo • Ukwenganyelwa kokusebenza komhlaba • Ukuthuthukiswa komnotho wendawo • Ezokuvakasha zendawo • Ukusingathwa kwemiklamo • Ukusingathwa kwezinhlelo • Ukusingathwa kwezinkontileka
---	---

<ul style="list-style-type: none"> • Ezokuthutha umphakathi • Ezempilo • Imisebenzi yezokuvikela • Ukulawulwa kwezinhlekelele • Imisebenzi yezimo eziphuthumayo • Ukusingathwa kwemiklamo • Ukusingathwa kwezinkontileka • Ezokuxhumana • Ezezindlu nomhlaba • Amakomdi ezigceme • Izikidi • Ezokuphepha nokuvikeleka 	<ul style="list-style-type: none"> • Ezamanzi • Ezikagesi • Ezenhlanzeko (izindlu zangasese) • Izindawo zokulahla udoti oqinile • Imigwaqo kamasipala • Ingqalasizinda yezokuxhumana, ezemidlalo kanye namasiko • Ezemisebenzi yomphakathi • Ukusingathwa kwamaphrojekthi • Ukusingathwa kwezinkontileka •
<ul style="list-style-type: none"> • Amathuna (ukuwabekisa) 	<ul style="list-style-type: none"> • Umlawuli nokuqapha • Umuntu oqalisa ukusebenza • Ezezindlu (ubuchwepheshe) • Ukongiwa kwemvelo • Amapaki nokungcebeleka • Amadamu okubhukuda • Ukusingathwa kwezimoto zomkhandlu
<ul style="list-style-type: none"> • Ukwakhiwa kanye nokuqaliswa ukusebenza kwesabelozimali • Ukwenganyelwa kwemali engenayo nephumayo • Ukuhlolwa kokusebenza kanye nesabelomali phakathi nonyaka wezimali • Ukungenisa imali • Ukuqoqwa nokulawulwa kwezikweletu kanye nezimalimboleko • Ezokuthenga • Ukulawulwa kokusetshenziswa 	<ul style="list-style-type: none"> •

kwemali ebekelwe izinto ezinkulu <ul style="list-style-type: none"> • Izimali ezitshaliwe • Ukulawulwa kwezimpahla kanye noshodi • Ezocwaningo langaphakathi kanye namakomidi ocwaningo • Ukubika kanye nokucwaningwa kwezimali 	
---	--

5.1.1 Izipho Zamakomidi emisebenzi yomkhandlu

Izipho yamakomidi emisebenzi yomkhandlu, ngokwemikhakha yawo zokusebenza, yilezi:

- ukwakha kanye nokuncoma ngesu;
- ukwakha kanye nokuncoma ngemithetho yedolobha;
- ukudinga enze izincomo mayelana nesabelomali esiwuhlaka kanye nohlelo lwe-IDP;
- ukuqinisekisa ukubamba iqhaza komphakathi ekwakhiweni kwenqubomgomo, uhlelo lwe-IDP kanye nesabelozimali;
- ukuqapha ukuqaliswa ukusebenza kwezinqubomgomo zomkhandlu; kanye
- nokuqapha zonke izingxenyana zokusebenza.

5.1.2 Imisebenzi

Ukwenza izincomo ukuba zidingidwe yikomidi eliphezulu mayelana:

- nenqubomgomo engena ngaphansi kwendawo yalo yokusebenza emva kokubonisana nenhloko yomnyango ofanele;
- nezinhlelo zokusebenza zonyaka ezingena ngaphansi kwendawo yokusebenza yalelo komidi;
- nokuqaliswa ukusebenza kwezinhlelo zokusebenza zezindawo ezingaphansi kwalelo komidi;
- nokubuyekiswa kokusebenza kwezimali kuqhathaniswa nezabelozimali eziphasisiwe okuqondene nonyaka owedlule

noma ophezulu kubandakanya ukubuka imibiko yoMcowaningimabhuku Jikelele;

- (e) nesabelomali esiwuhlaka esiqondene nezindawo zokusebenza ezingaphansi kwalelo komidi, kubandakanya izintela zempahla, emva kokubonisana neNhloko yoMnyango ofanele;
- (f) nemibiko kanye nezincomo okwethuliwe maqondana nezindawo zokusebenza ezingaphansi kwalelo komidi, kubandakanya ukuphawula okusukela emsebenzini walo wokuqapha ukusebenza;
- (g) nokulandela imithetho, izinkambiso kanye namaqophelo okuqondene nezindawo zokusebenza ezingaphansi kwalelo komidi;
- (h) nokuphasiswa noma ukuchitshiyelwa kwemithetho yedolobha ephathelene nokusebenza kwalelo komidi;
- (i) nokubeka eqhulwini imiklamo engena ngaphansi kwezindawo zokusebenza zalelo komidi;

5.1.3 Ikomidi lingabonisa nomenenja kamasipala kanye nenhloko yomnyango efanele ngezinqubomgomo kanye nezinhlelo zomkhandlu.

Umgudu Wokubika

Libika eKomidini eliPhezulu.

5.2 Amakomidi abhekele izimo ezikhethekile

Asungulwa ngokwesigaba 79 soMthetho weziNhlaka zoMasipala.

Lokhu okulandelayo yizibonelo zamakomidi angasungulwa ngokwesigaba 79

- Ikomidi leMithetho kanye neNqubo;
- Ikomidi lokuQondisa iziGwegwe lamakhansela;
- Amakomidi akhethekile okweluleka ukuze kukhuthazwe ukukhula komnotho, ezokuvakasha, njll.

5.3 AMAKOMIDI ASUNGULWA NGOKOMTHETHO

Umkhandlu kumele usukungule amakomidi, ngalinye noma ahlanganiswe lapho kunesidingo khona, nalapho kudingeka khona ngokusho komthetho. Isibonelo sekomidi elihlanganisiwe kungaba yiKomidi loCwaningo kanye

neKomidi lokuSebenza. Izibonelo zamakomidi asungulwa ngokomthetho yilezi:

5.3.1 Ikomidi locwaningo (isigaba 166 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala)

(a) Ukubumbeka

- (i) IKomidi loCwaningo lakhiwe amalungu angekho ngaphansi kwamathathu, okumele abe nolwazi kanye nesipiliyoni sokubala nokucwaninga. Akukho khansela elingaba yilungu leKomidi loCwaningo.
- (ii) Ngokushesha emva kokuba umkhandlu sewukhethe waqoka amalungu eKomidi loCwaningo, kumele ukhethe oyedwa wabo njengosihlalo;

(b) Imisebenzi yeKomidi loCwaningo

- (i) IKomidi loCwaningo kumele, mayelana nanoma yiluphi ucwaningo olwenziwa egameni loMcwaningimabhuku Jikelele noma nguye uqobo, kanye nokulandela umqulu wocwaningo:

- (aa) ngokusebenzisana nemenenja kamasipala, umcwaningi wangaphandle kanye nalabo basebenzi bomkhandlu elingababona befanele, lihlole ukuhleleka, ububanzi kanye nendlela okuzokwenziwa ngalo lolo cwanningo;
- (bb) lihlole imiphumela yomcwaningi wangaphandle ikakhulukazi:

- Izivumelwano ezibalulekile ezingangeni ngaphansi kwemisebenzi ejwayelekile kamasipala;
- Ukuntenga okubonakalayo kokulawulwa kwezimali kwangaphakathi kanye nezincomo zokukwenza ngcono;
- Ukubika, ukwethulwa kanye nokushicilelwa okunobulungiswa kolwazi ezitatimendeni zezimali zonyaka;

- Ukufaneleka kwenqubomgomo yokubophezela ukuphendula elandeliwe ekwakhiweni kwezitatimende zezimali zonyaka;
 - Ukulandela indlela yokuBophezela ngokuPhendula eyeMukelekile ngokweJwayelekile koMasipala (i-GAMAP);
 - Ukulandela umthetho;
- (cc) lihlole wonkana umbiko womcwaningi wangaphandle ngezitatimende zezimali;
- (dd) lihlole izinkinga ezinkulu zocwaningo ezingaxazululwanga okwahlangabezwana nazo ngenkathi kwenziwa lolo cwaningo;
- (ee) lihlole izeluleko ezinikezwe wumcwaningimabhuku wangaphandle noma yimuphi omunye umuntu mayelana nezinhloso zekomidi locwaningo; futhi
- (ff) lihlole ukuxhumana kanye nokubambisana phakathi kwabacwaningi bangaphandle kanye nomcwaningi wangaphakathi, uma kukhona.
- (ii) IKomidi loCwaningo kumele, maqondana nocwaningo lwangaphakathi –
- (aa) libike ngqo emkhandlwini ngemiphumela yomcwaningimabhuku wangaphakathi, uma ikhona;
- (bb) lihlole ikhono kanye nokuphumelela komsebenzi wocwaningo lwangaphakathi, uma kukhona;
- (cc) lihlole izinto ezibalulekile nezisemqoka ezibikwe wumcwaningimabhuku wangaphakathi, uma zikhona;
- (iii) Ikomidi locwaningo kumele, mayelana nokubika ngezimali –
- (aa) lihlole ukuphumelela kwezinqubomgomo kanye nezinqubo zokubika ngezimali; futhi
- (iv) IKomidi loCwaningo kumele, mayelana nokulawulwa kwezimali kwangaphakathi –

- (aa) libuyekeze ukuphumelela kohlelo lokubophezela kanye nokulawula ukuba kuphendulwe ngezimali;
 - (bb) lihlole nakuphi ukuntenga kohlelo lokubika nokulawulwa kwezimali lwangaphakathi okuthokale ngokwendima 4.2.1(b)(i)(bb);
 - (cc) lihlole izindlela eziqalisiwe ukubhekana nalokho kuntenga; futhi
 - (dd) lihlole liphinde liqinisekise izinqubomgomo kanye nezinqubo zokuhlonza izindawana eziyingcuphe kanye nezindlela ezibekiwe ukuqinisekisa ukuthi kuba nolawulo olwenele kanye nokuvikeleka kwalezo zingxenyana.
- (v) IKomidi loCwaningo kumele –
 - (aa) lidingide futhi lethule umbiko ngezindaba ezidluliselwe kulo yimenenja kamasipala noma wumkhandlu, futhi
 - (bb) lenze imisebenzi eliyinikezwa wumkhandlu ukuba liyenze izikhathi ngezikhathi.
- (c) Amandla eKomidi loCwaningo:
 - (i) IKomidi loCwaningo, ngendlela efanele ukuze lenze imisebenzi yalo ngempumelelo futhi lifeze izinjongo zalo kumele -
 - (aa) lithole futhi ihlole noma yimaphi amarekhodi, imibhalo kanye nolwazi olusezandleni zikamasipala noma umsebenzi kamasipala;
 - (bb) lithole futhi lihlole noma yiziphi izakhiwo lapho kwenzelwe khona imisebenzi kamasipala;
 - (cc) likhulumisane nomkhandlu noma naliphi ikomidi lomkhandlu bese licela namuphi umsebenzi kamasipala ukuba avele ngaphambi kwalo ukuze aphonswe imibuzo;
 - (dd) liphenye naluphi udaba, noma lenze ukuba kuphenywe naluphi udaba yinoma yimuphi

- umsebenzi kamasipala, emva kokubonisana nemenenja kamasipala;
- (ee) liqiniseke ukuthi izinqubomgomo, izinhlelo kanye nokubika okuyimpumelelo kuyaqaliswa ukusebenza futhi kuyasetshenziswa; futhi
- (ff) likhuthaze ukwenziwa ngcono kwamazinga okubika ngezimali.

Umgudu Wokubika

Libika emkhandlwini lidlule eKomidini eliPhezulu.

5.3.2 IKomidi lokuCwaninga uKwenziwa komSebenzi

- (a) Ukubumbeka
- IKomidi lokuCwaninga uKwenziwa Komsebenzi kumele liqokwe ngokwesigaba 14(2)(a) kanye no (b) zeMithethonqubo yokuPhathwa kokuHlelwa nokuSebenza koMasipala yoHulumeni Basekhaya:, ka 2001;
- (b) Imisebenzi nezibopho kweKomidi lokuCwaninga uKwenziwa komSebenzi:
- (i) libuyekeza imibiko yamakota eyethulwe kulo wuPhiko loCwaningo lwangaPhakathi;
- (ii) libuyekeza uhlelo lokusingatha ukwenziwa komsebenzi libhekise emnothweni, amakhono, impumelelo kanye nomthelela ezinkombeni zokwenziwa komsebenzi ezimqoka kanye namaqophelo okwenza umsebenzi abekiwe njengoba ebekwe ngumasipala, bese lenza izincomo ngalokhu emkhandlwini lidlule eKomidini eliPhezulu;
- (iii) Okungenani kabili ngonyaka wezimali lethula umbiko wocwaningo emkhandlwini kamasipala lidlula eKomidini eliPhezulu.
- (c) IKomidi lokuCwaninga uKwenziwa komSebenzi:

- (i) lingaxhumana ngqo noMkhandlu, iMenenja kaMasipala noma abacwaningi bangaphakathi nabangaphandle bamasipala;
- (ii) lingathola noma yimaphi amarekhodi kamasipala aqukethe ulwazi oludingekayo ukuze lenze imisebenzi yalo;
- (iii) lingacela namuphi umuntu ukuba ethamele imihlangano yalo, futhi uma kunesidingo, lihlinzeke ulwazi olucelwe yikomidi futhi liphenye naluphi udaba elilubona lunesidingo ekwenzeni umsebenzi lisebenzise namandla alo.

5.3.3 Ikomidi lokudlulisa izikhalazo (isigaba 62 soMthetho weziNhlelo zoMasipala)

Libheka izikhalazo ezidlulisiwe ngesinqumo esithathwe wuhlaka lwezombusazwe noma isiphathimandla sezombusazwe noma ikhansela ezivela kumuntu omalungelo akhe ahlukunyezwe yileso sinqumo esithathwe ngaphansi kwegunya elinikeziwe, kweyame ekutheni isinqumo sekomidi lokudlulisa izikhalazo angeke samphuca namaphi amalungelo atholakele ngenxa yesinqumo esingumsuka.

Ezinye izibonelo zamakomidi asungulwe ngokulandisa komthetho zibandakanya:

5.3.4 Amaphaneli (ithimba) okubuyekeza okukhulunywa ngawo kumthethonqubo 27(4)(d) kanye no (e) weMithethonqubo ebhekele ukwenziwa kwemisebenzi yomasipala yizimenenja zomasipala zibika abika ngqo komenenja bomasipala.

Umgudu Wokubika

Abika eMkhandlwini edlula eKomidini eliPhezulu.

6. IMENENJA KAMASIPALA

Amaqhaza Nemisebenzi

6.1 Amandla kanye nemisebenzi kwemenenja kamasipala

Njengenhloko yezokuphatha nesikhulu esiphezulu sikamasipala, lamandla kanye nezibopho okulandelayo asemthethweni anikezwe imenenja kamasipala ngokulandela izihlinzeko uMthetho weziNhlaka zoMasipala kanye noMthetho weziNhlelo zoMasipala:

- 6.1.1 Ukusungula kanye nokwakha uphiko lwezokuphatha olongayo, olunempumelelo, olunamakhono, oluzibophezele ekuphenduleni nokuphokophela ukwenza umsebenzi;
- 6.1.2 Ukusingatha uphiko lukamasipala lwezokuphatha ngokulandela izihlinzeko zoMthetho weziNhlelo zoMasipala kanye neminye imithetho efanele kamasipala;
- 6.1.3 Ukwengamela iMithethonqubo yokuSebenza kukaMasipala yezimenenja zomasipala kanye nezimenenja ezibika abika ngqo kwizimenenja zomasipala, ka-2006;
- 6.1.4 Ukuqalisa ukusebenza uhlelo lwe-IDP lukamasipala, kanye nokuqapha inqubekela phambili ekuqalisweni kwalo ukusebenza;
- 6.1.5 Ukwengamela ukuhlinzekwa kwezinsiza emiphakathini, kubahlali kanye nabakhokhi bamareyithi ngendlela esimeme;
- 6.1.6 Ukulawula kanye nokwengamela ukusetshenziswa ngempumelelo kanye nokuqeqeshwa kwabasebenzi;
- 6.1.7 Ukugcina ukuziphatha kubasebenzi;
- 6.1.8 Ukukhuthaza ubudlelwano phakathi kwabasebenzi nomqashi kanye nokulandela kukamasipala imithetho efanele yezabasebenzi, izimo zokusebenza kanye nezivumelwano;
- 6.1.9 Ukweluleka izinhloko kanye neziphathimandla zikamasipala;
- 6.1.10 Ukwengamela ukuxhumana phakathi kophiko lwezokuphatha lukamasipala kanye nezinhloko neziphathimandla zawo;
- 6.1.11 Ukuqalisa ukusebenza izinqumo zezinhloko kanye neziphathimandla zikamasipala;
- 6.1.12 Ukusingatha kanye nokuqalisa ukusebenza imithetho yedolobha kanye nenqubomgomo;
- 6.1.13 Ukuqalisa ukusebenza imithetho kazwelonke neyesifundazwe ehambisana nalowo masipala;

- 6.1.14 Ukukhuthaza ukubamba iqhaza kwemiphakathi, abahlali, abakhokhi bamareyithi kanye nabanye ababambiqhaza ezindabeni ezithinta umasipala;
- 6.1.15 Ukugunyazisa ukusetshenziswa kwezakhiwo zikamasipala ngamalungu omkhandlu ngokulandela inqubomgomo;
- 6.1.16 Ukuphasisa uhlaka lwabasebenzi ngaphansi kohlaka lwenqubomgomo olunqunywe wumkhandlu;
- 6.1.17 Ukweluleka ikomidi eliphezulu, ngokulandela uhlelo lokubonisana olubekiwe, ngabantu abaqokwe ngokwesigaba 57;
- 6.1.18 Ukuqoka abasebenzi abasezingeni elingaphansi kwabaphathi abaqokwe ngokwesigaba 57 ngokulandela inqubomgomo yokuqasha kamasipala;
- 6.1.19 Ukwengamela yonke imali engenayo nephumayo kumasipala;
- 6.1.20 Ukwengamela zonke izimpahla kanye nokukhokha zonke izikweletu zikamasipala;
- 6.1.21 Ukwengamela ukulandelwa okufanle nokunokuzimisela koMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala; kanye
- 6.1.22 Nokucubungula izikhalazo ezidluliswe ngumuntu omalungelo akhe ahlukunyezwe yisinqumo esithathwe ngaphansi kwegunya elinikeziwe, somsebenzi okungeve kuyimenenja kamasipala, kuye ngokuthi leso sinqumo sikamenenja kamasipala angeke sibuyisele emuva namaphi amalungelo atholakele emva kwesinqumo esingumsuka.

6.2 Umgudu Wokubika

Imenenja kamasipala ibika futhi ibophezeleke ukuba iphendule emkhandlwini kanye nasekomidini eliphezulu.

7. ISIKHULU ESIPHEZULU SEZIMALI

7.1 Iqhaza lesikhulu esiphezulu sezimali

Isikhulu esiphezulu sezimali

- Ngokwezokuphatha sengamele isabelozimali kanye nehhovisi lomgcinimafa;

- Kumele seluleke isikhulu esiphezulu ngokusebenzisa amandla kanye nesibopho okunikezwe isikhulu esiphezulu ngokoMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala;
- Kumele sisize isikhulu esiphezulu ekusingathweni kwama-akhawunti asebhange kamasipala kanye nasekwakheni nasekuqaliseni isabelozimali sikamasipala;
- Kumele seluleke abaphathi abaphezulu kanye nezinye izikhulu eziphezulu mayelana nokusebenzisa amandla kanye nezibopho ezinikezwe wona ngokwesigaba 78 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala abadluliselwe wona ngokwesigaba 79 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala;
- Kumele senze imisebenzi efana nesabelozimali, ukubala, ukuhlaziya, ukubika ngezimali, ukusingatha imali engukheshi, ukwengamela izikweletu, ukuhweba (ukuthenga), ukuphathwa kwezimali, ukubuyekeza kanye neminye imisebenzi ngokwesigaba 79 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala edluliselwe esikhulwini esiphezulu sezimali yisikhulu esiphezulu sikamasipala.

7.2 Umgudu wokubika

Sibika futhi sibophezeleke ukuba siphendule esiKhulwini eziphezulu samaBhuku/ imenenja kamasipala.

ISIGABA II.

**UMBHALO OWUMHLAHLANDLELA WOHELO
LOKUDLULISELWA**

KWAMANDLA KOMASIPALA

OKUQUKETHWE

ISAPHLUKO 1

UKUHUNYUSHA NOMLANDO

	Ikhasi
I. IZINCAZELO	32
II. UMLANDO	33
III. UKUDLULISWA KWAMANDLA	34
(i) Ukwengamela uhlelo lokudlulisa amandla	35
VI. IZINHLOSO ZOKUDLULISA AMANDLA	35
V. IMIGOMO YOKUDLULISA AMANDLA	36
VI. IMIBANDELA YOKUDLULISA AMANDLA	37
(i) Okungangeni	39
(ii) Ukudluliswa kwamandla okunezithiyo	39
VIII. UKUQOSHA KWAMANDLA ADLULISIWE	40
(i) Uhla Oludidiyele lwaMandla aDlulisiwe	41
(ii) Indlela okubhalwa ngayo umbhalo wohla lwamandla adlulisiwe	41

ISAPHLUKO 2

UKUDLULISWA KWAMANDLA OKWEJWAYELEKILE

1. USOMLOMO	43
1.1 Amandla adlulisiwe	43
1.2 Umgudu wokubika	43
2. USODOLOBHA	43
2.1 Amandla adlulisiwe	43
2.2 Umgudu wokubika	43
3. IKOMIDI ELIPHEZULU	44

3.1	Amandla adluliselwe eKomidini eliPhezulu	44
3.2	Umgudu wokubika	45
4.	IMENENJA KAMASIPALA	45
4.1	Amandla adluliselwe kwiMenenja kaMasipala	45
4.2	Umgudu wokubika	48
5.	ISIKHULU ESIPHEZULU SEZIMALI	48
5.1	Amandla adluliselwe esiKhulwini esiPhezulu seZimali	48
5.2	Izibopho, imisebenzi kanye amandla agunyazwe wumthetho	50
5.3	Umgudu wokubika	52
6.	INHLOKO YOMNYANGO WEMISEBENZI EDIDIYELWE	52
6.1	Amandla adlulisiwe	52
6.2	Umgudu wokubika	56
7.	INHLOKO YOMNYANGO WEMISEBENZI YOBUCHWEPHESHE	56
7.2	Amandla adlulisiwe	56
7.2	Imisebenzi ephathelene nogesi	59
7.3	Umgudu wokubika	60
8.	INHLOKO YOMNYANGO WEMISEBENZI YOMPHAKATHI	61
8.2	Amandla adlulisiwe	61
8.2	Imisebenzi yezokuphepha	62
8.3	Umgudu wokubika	64
9.	INHLOKO YOMNYANGO WEMISEBENZI YOKUHLELA NENTUTHUKO	65
9.1	Amandla adlulisiwe	65
9.2	Umgudu Wokubika	66
10.	IZINHLOKO ZEMINYE IMINYANGO	
10.1	Amandla adluliselwe kuzo zonke izinhloko zeminyango	67
10.2	Umgudu wokubika	68
	ISITHASISELO A: UKUDLULISELWA KWAMANDLA OKUTHENGA	69

ISAPHLUKO 1

UKUHUNYUSHWA NOMLANDO

I. IZINCAZELO

- (i) Kulo mbhalo, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile –
“**amandla**” kusho kusho isibopho kanye nomsebenzi;

“**emva kokubonisana**” kusho ukulalela ngokufanele imibono yanoma yimuphi umuntu umgwamanda odluliselwe amandla okumele ubonisane naye ngaphambi kokusebenzisa amandla elinikezwe wona noma eliwanikezwe wonikezwe wona;

“**ezokuphatha**” kusho imenenja kamasipala kanye nabanye abasebenzi bakamasipala;

“**iLungu loMkhandlu oPhethe**” kusho ilungu loMkhandlu oPhethe wesiFundazwe elibhekele oHulumeni baseKhaya;

“**isibopho sezombusazwe**” kusho isibopho sokwakha amasu kanye nezinqubomgomo kanye nokuqiniseka ukuthi kuyaqaliswa ukusebenza;

“**isiphathimandla esidlulisa amandla**” mayelana nokudluliswa kwamandla wumkhandlu, kusho lowo mkhandlu, kanti uma amandla edluliselwa ngonikezwe wona, kusuke kushiwo lowo owadlulisile;

“**isiphathimandla sezombusazwe**” mayelana nomasipala, kusho usomlomo, usodolobha, isekela likasodolobha noma ilungu lekomidi eliphezulu kumasipala njengoba kubekiwe eMthethweni weziNhlaka zoMasipala;

“ngokubonisana” kusho ukuvumelana nomuntu okumele umgwamanda odluliselwe amandla okumele ubonise naye ngaphambi kokusebenzisa lawo mandla odluliselwe wona noma owadluliselwe ngonikezwe wona;

“uhlaka lwezomusazwe” mayelana nomasipala, kusho uMkhandlu noma naliphi ikomidi noma olunye uhlaka oludidiyelwe lukamasipala olukhethiwe, oluqokiwe noma olujutshiwe ngokulandela uMthetho weziNhlaka zoMasipala;

“uhlelo oludidiyelwe lwentuthuko (i-IDP)” kusho uhlelo oludidiyelwe lwentuthuko lomkhandlu;

“ukunikezelwa kwamandla” mayelana nomsebenzi, kubandakanya umyalelo wokwenza lowo msebenzi, “ukunikezela” kunencazelo efuze leyo;

“umgwamanda odluliselwe amandla” mayelana nokunikelwa kwamandla kusho uhlaka lwezombusazwe, isiphathimandla sezombusazwe noma umsebenzi onikezwe amandla ngokubhaliwe yisiphathimandla esidlulisa amandla;

“uMkhandlu” kusho umkhandlu kamasipala, ongene esikhundleni sawo ngokusemthethweni nanjengoba kubekiwe esigabeni 157(1) soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika;

“uMthetho we-MPRA” kusho uMthetho wamaReyithi oMhlaba kaMasipala woHulumeni baseKhaya, 2004 (uMthetho No. 6 ka 2004);

“uMthetho weziNhlaka” kusho uMthetho weziNhlaka zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 1998 (uMthetho No. 117 ka 1998);

“uMthetho weziNhlelo” kusho uMthetho weziNhlelo zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka-2000);

“uMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala (MPRA)” kusho uMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2003 (uMthetho No. 56 ka 2003);

“uMthethosisekelo” kusho uMthethosisekelo yeRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, 1996 (uMthetho 108 ka 1996);

“usihlalo wekomidi” kusho ilungu leKomidi eliPhezulu eliqokwe yilelo komidi njengosihlalo wekomidi elibhekele umnyango othile;

(ii) Kulo mbhalo, ngaphandle uma ingqikithi isho okwehlukile, amagama kanye nezincazelo asho -

- ubunye afaka nobuningi, ngokunjalo nalawo akhomba ubuningi afaka nobunye;
- umuntu phaqa kufaka phakathi umuntu osemthethweni, kanti lapho kukhulunywa khona ngomuntu osemthethweni kufaka phakathi umuntu phaqa;

II. UMLANDO

UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uyasho ukuthi amandla okuphatha nawomthetho omasipala atshalwe emikhandlwini yomasipala. Umasipala unemisebenzi kanye namandla onikezwe wona ngokwesigaba 156 kanye nesigaba 229 zoMthethosisekelo.

Isigaba 59(1) soMthetho weziNhlelo zoMasipala udinga ukuba umkhandlu kamasipala wakhe uhlelo lokudluliswa kwamandla oluzokwenza ngcono indlela yokusebenza nokuphatha futhi uhlinzeke izindlela zokugwema nokuvala izikhala lapho zingavuleka khona, ngokulandela lolo hlelo –

- ungadlulisela amandla kunoma yiluphi uhloko lwezombusazwe, isiphathimandla sezombusazwe, amakhansela noma abasebenzi bakamasipala;

- ungayalela lolo hlaka lwezombusazwe, lesi siphathimandla sezombusazwe, lelo khansela noma lowo msebenzi ukuba enze noma yimiphi imisebenzi kamasipala; futhi
- ingakuhoxisa nakuphi ukudluliswa kwamandla noma umyalelo.

III. UKUDLULISWA KWAMANDLA

EMthethweni weziNhlelo zoMasipala, “ukudluliswa kwamandla” kuchazwe kwabhekiswa emsebenzini, okufaka phakathi umyalelo wokwenza lowo msebenzi. Igama elithi “dlulisa amandla” laba nencazelo efuze leyo.

Eminye yemigomo yokudluliswa kwamandla yile elandelayo:

- Amandla angadluliselwa kuphela ezingeni eliphansi lezokuphatha; futhi
- Inhloso ukwehlisa umthwalo osemahlombe abaphathi abaphezulu, kanye nokusebenzisa abasebenzi abakhona ngaphakathi ngokugculisayo.

Ngokwejwayelekile, ngokwesigaba 59 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala, amandla angadluliselwa –

- Kunoma yiluphi olunye uhlaka lwezombusazwe;
- Kwiziphathimandla zezombusazwe;
- Emakhanseleni; kanye
- Nakubasebenzi.

Isigaba 59(2)(d) soMthetho weziNhlelo zoMasipala siphinde sihlincekele ukuthi umyalelo wokudluliswa kwamandla koyedwa walaba abangenhla ungabandakanya amandla ongawadlulisela kongaphansi amandla owadluliselwe ngongaphezu kwakho. Kubalulekile kodwa-ke ukuqaphela ukuthi amandla adluliselwe ancike ekubuyekizweni, emikhawulweni, emibandeleni kanye nasemiyalelweni umkhandlu noma isiphathimandla esiwadlulisile esingayibeka. Ngaphansi kwezimo ezithile, umkhandlu noma isiphathimandla esidlulisa amandla singanquma ukuwahoxisa lawo mandla noma lowo myalelo. Lezi izindlela ezakhiwe wumkhandlu ezakhelwe kulolu hlelo.

Isigaba 59(2)(e) soMthetho weziNhlelo zoMasipala sihlinzekela ukuba amandla noma umyalelo okunikezelwe ngokwesigaba 59(1) akuwethuli umkhandlu umthwalo omayelana nokusetshenziswa kwamandla noma wokwenziwa kwalowo msebenzi.

(i) Ukusingatha uhlelo lokudluliselwa kwamandla

Ukusingatha uhlelo lokudluliselwa kwamandla wumsebenzi oqhubekayo.

Isibonelo, ukudluliswa kwamandla kumele kubuyekizwe –

- uma kukhethwa umkhandlu omusha;
- uma kunesichibiyelo kwizinqubomgomo zomkhandlu; kanye
- nasemva kokubuyekizwa kwemisebenzi kanye namandla okwabiwe.

Lokhu ukuqiniseka ukuthi ngazo zonke izikhathi amandla adlulisiwe ayahambisana nezinqubomgomo, amaqhaza kanye nezibopho zababambiqhaza.

Ekuhlolisisweni kahle, izimo zikamasipala nomasipala ziyokhomba ukuthi iziphi izinto okumele zidluliswe futhi ngaphansi kwamiphi imibandela.

VI. IZINHLOSO ZOKUDLULISWA KWAMANDLA

Izinhlalo zokudlulisa amandla kuyoba –

- ukuqiniseka ukusebenza kanye nokuphathwa kukamasipala ngempumelelo ngale kokudlulisa isibopho sokubika;
- ukuhlinzeka uholo oluhle kanye nokuvumela ukuthi kuvalwe imisansa lapho ingavuleka khona;
- ukudlulisa ukuthathwa kwezinqumo ezingeni elingasebenza ngenkulu impumelelo ophikweni lwezokuphatha;
- ukubandakanya abasebenzi ezinqumweni zabaphathi ngokusemandleni;
- ukukhuthaza umoya wokusebenza ngokubambisana;
- ukunikezela imisebenzi ecacile ukuze kuphathwe futhi kwenganyelwe uphiko lwezokuphatha, izinhlelo kanye nezindlela zokusebenza;

- ukuchaza kahle kamhlophe imibandela yemisebenzi edluliselwa kulolo nalolo hlaka lwezombusazwe, isiphathimandla sezombusazwe kanye nemenenja kamasipala;
- ukunquma ubudlelwano phakathi kwezinhlaka zezombusazwe, iziphathimandla zezombusazwe kanye nophiko lwezokuphatha, kanye nemigudu efanele yokubika kwalolo nalolo hlaka.

V. IMIGOMO YOKUDLULISWA KWAMANDLA

Ukudluliswa kwamandla kumele kubhalwe phansi futhi kuncike emikhawulweni, emibandeleni kanye nasemiyalelweni umkhandlu kamasipala ongakubeka.

Ukudluliswa kwamandla akumele kushayisane noMthethosisekelo, uMthetho weziNhlelo zoMasipala kanye noMthetho weziNhlaka zoMasipala, noma namuphi omunye umthetho;

Konke ukudluliswa kwamandla kumele kuqinisekise ukuthi umkhandlu uyawagcina wonke amandla okushaya umthetho kanye nalawo mandla okuphatha angeke adluliselwa kolunye uhlaka ngokomthetho.

Ukwakhiwa kwenqubomgomo kanye nohlelo lokunquma kumi kanje:

- Inqubomgomo inqunywa wumgwamanda onegunya lokwenza njalo ngokulandela izinhlelo zokudluliswa kwamandla kamasipala.
- Noma yiluphi olunye uhlaka olusungulwe ngokusemthethweni lungaqalisa ukwakhiwa kwenqubomgomo. Inqubo elandelwayo ekunqumeni inqubomgomo iyoncika ekutheni yimuphi umgwamanda onegunya elingujuqu lokuyiphasisa;

Umkhandlu njengesikhungo esishaya umthetho futhi esinamandla okuphatha angeke wawasebenzisa namaphi amandla awo noma wenze umsebenzi owedlule esinikezwe wona wumthetho.

Konke ukudluliswa kwamandla kuncike ekulandeleni imithetho, izinqubomgomo zomkhandlu kanye nezinqubo, imithetho yenqubo emile, uhlelo lwawo lwe-IDP kanye nesabelomali.

Ukudluliswa kwamandla kumele kuqhubele phambili ukwethulwa kwezidigo ngale kokudlulisa ingcabha yokubophezeleka ekuphenduleni.

Ukudluliswa kwamandla akumphoqi lowo onikezwe wona ukuba awasebenzise lawo mandla, kanti kuvumela ukuba isinqumo sithathwe ezingeni eliphezulu kunelakhe.

VI. IMIBANDELA YOKUDLULISWA KWAMANDLA

Wonke amandla okuthatha izinqumo adluliswe wumkhandlu ancike kule mibandela elandelayo:

- Amandla adlulisiwe anikezwa uSodolobha, uSomlomo, iKomidi eliPhezulu, amakhansela kanye nemimsebenzi esezinhlenganweni, hhayi umuntu owenza lowo msebenzi ngqo;
- Ukudluliswa kwamandla kusebenza kubantu abasezikhundleni zamabamba. Abantu ababambe kulezi zikhundla banamandla afanayo njengalabo abasebenza ngokugcwele, kuye ngokuthi isiphathimandla esinamandla sibaqokele kulezo zikhundla zamabamba;
- Ekusebenziseni namaphi amandla adlulisiwe, umgwamanda odluliselwe kumele ulandele yonke imithetho efanele, izinqubomgomo kanye nezinqubo komkhandlu, imithetho emile yenqubo noma yiziphi izivumelwano ezifanele;
- La mandla adlulisiwe awachazi kabusha amandla kanye nemisebenzi komkhandlu.
- Izinqubomgomo, kungaba ezikhona noma ezisazosungulwa, ziyonquma imikhawulo yanoma yikuphi ukudluliswa kwamandla kanti umgwamanda owedlulisayo ubophezelwe yiwo. Kungumthwalo wesiphathimandla esidlusayo kanye nophiko lomkhandlu olushaya umthetho ukuqiniseka ukuthi kwakhiwa izinqubomgomo ezicacile nezibanzi.
- Ekusebenziseni amandla adlulisiwe, akukho mali engasetshenziwa ngaphandle uma isiphathimandla esidluliselwe seneliseka ukuthi umkhandlu ukufakiwe

kwisabelomali ukuthi kusetshenziswe, nokuthi izimali zisekhona kumavoti esabelomali afanele.

- Umkhandlu, nangasiphi isikhathi, kuncike emthethweni ofanele, ungayalela odluliselwe amandla ukuba angalisebenzisi lelo gunya alinikeziwe ngendlela ethile kanti futhi umkhandlu kumele ube sewubhekana nalolo daba.
- Odluliselwe amandla kanye/ noma odlulisele amandla banganquma ukuthi kungabe umbiko uyadingeka yini usho izizathu ngesinqumo nokuthi lesi sinqumo kumele yini sibhalwe phansi. Uma kudingeka umbiko, kumele uveze ukuthi zonke izimfuneko zomthetho nezezimali zilandelwe.
- Ukudluliswa kwamandla kungabeka izimo ezikhethekile lapho isiphathimandla esidluliselwe amandla esingavumelekile ukuba sisebenzise lawo mandla aso.
- Ukudluliselwa kwamandla ngodluliselwe kumele kubhalwe phansi futhi kuqoshwe ohleni lwamandla adluliselwe, okumele ihlezi ishintshwa ngazo zonke izikhathi ngumenenja kamasipala noma umuntu ogunyazwe ukuba enze njalo.
- Zonke izinqumo ezihlukumeza amalungelo abanye abantu kumele zibhalwe phansi kanti izizathu zalezo zinqumo kumele ziqoshwe.
- Umkhandlu noma esinye isiphathimandla esidlulisa amandla, noma yingasiphi isikhathi, singahoxisa, sifake imibandela noma sichibiyele amandla adlulisiwe.
- Umkhandlu kumele, ngokulandela izinkambiso zemithetho yawo yenqubo ubuyekeze noma yisiphi isinqumo esithathwe ngaphansi kwamandla adlulisiwe uma ucelwa ukuba wenze njalo ngokubhaliwe okungenani yikota yamalungu omkhandlu.
- Kumele kuhlinzekelwe ukwehlukanisa phakathi kwesigaba sokuhlola nezincwadi sohlelo lokuthathwa kwezinqumo kanye nesinqumo uqobo lwaso. Lokhu kumele kwenzeke kuzo zonke izimo lapho uhlelo lokuthathwa kwesinqumo lungakwazi ukuthi lwehlukaniseke njengoba kubekiwe ngenhla.
- Zonke iziphathimandla ezidluliselwe amandla kumele zibike izinqumo ngamandla ezinikwe wona ngezikhawu eziyodingwa yisiphathimandla esidluliselayo. Le mibiko kumele yenze ukuba isiphathimandla esidlulisayo sikwazi ukunquma ukuthi kungabe izinqubomgomo ezilawula lawo mandla zenele kanye nokuthi kungabe lawo mandla afanelekile yini.

- Ukudluliswa kwezikhalazo nganoma yiziphi izinqumo ezithathwe ngokwanoma yiliphi igunya elidlulisiwe kumele zibhekwe ngokulandela uMthetho weziNhlelo zoMasipala yisiphathimandla esibhekele izikhalazo esifanele.
- Isiphathimandla esidlulisa amandla singadinga ibinzana lezinqumo ezikhethiwe ezithathwe ngumuntu onikezwe igunya ukuba zicwaningwe wuphiko locwaningo lwangaphakathi.

VII. OKUNGANGENI KANYE NOKUNQATSHELWA

Umkhandlu kamasipala angeke wayidlulisa yonke imisebenzi yawo.

(i) Okungangeni

Isigaba 160(2) soMthethosisekelo kanye neminye imithetho kuvimbela imikhandlu kamasipala ukuba yedlulise eminye imisebenzi. Lena ibandakanya lezi zinto ezilandelayo ezingeke zadluliselwa futhi kumele zenziwe yimikhandlu yomasipala –

- Ukumiswa kwemithetho yedolobha;
- Ukuphasiswa kwesabelozimali;
- Ukukhokhisa amareyithi kanye nezinye izintela, izintela zabahlali kanye nentela yempahla;
- Ukukhuphula imalimboleko;
- [UMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, isigaba 160(2)]
- Ukuphasisa noma ukuchibiyela uhlelo lwe-IDP;
- Ukunquma ukungena esivumelwaneni sokwethula kwezidingo (ngokwesigaba 76(b) soMthetho weziNhlelo);
- Ukunqunywa kwamanani;

[Isigaba 59(1) soMthetho weziNhlelo]

- Ukuqokwa kanye nezimo zokusebenza kwemenenja kamasipala kanye nenhloko yomnyango kamasipala.

[isigaba 30(5)(c) soMthetho weziNhlaka]

(ii) Ukudluliswa kwamandla okunezithibelo

Amanye amandla, ngokwesigaba 60(1) kanye no (2) soMthetho weziNhlelo angadluliswa, kodwa kuphela ezikhundleni kanye nasekomidini elithile. La mandla alandelayo, ngaphansi kohlaka lwenqubomgomo enqunywe wumkhandlu kamasipala, angadluliselwa –

- ekomidini eliphezulu kuphela, mayelana –
 - nezinqumo zokudla impahla engasuki noma amalungelo empahleni engasuki;
 - emva kokuqokwa, ukunqunywa noma ukuguqulwa kwenkokhelo kanye nezibonelelo noma izimo zokusebenza kwemenenja kamasipala noma ezinye izimenenja ezibika ngqo kwimenenja kamasipala.
- kwiMenenja kamasipala mayelana–
 - Nezinqumo zokutshala izimali egameni likamasipala ngaphansi kohlaka lwenqubomgomo enqunywe nguNgqongqoshe wezeziMali.

VIII. UKUQOSHWA KWAMANDLA ADLULISIWE

Ngokwesigaba 59(1)(d) soMthetho Wezinhlelo Zomasipala, amandla adlulisiwe kumele abhalwe phansi. Kodwa ayibekiwe indlela yokwenza. Nakuba la mandla engaqoshwa ngezindlela ezahlukene, imisebenzi kamasipala ihlukene ngendlela yokuthi kungaba nzima ukufinyelela kalula noma ukukhumbula amandla adlulisiwe wumkhandlu njengoba enjalo.

(i) Uhla oludidiyele lwamandla adlulisiwe

Ukugcina “uhla oludidiyele lwamandla adlulisiwe” kuyoxazulula izinkinga ezibaliwe ngenhla. Ukuvuselelwa kohlu kumele kudluliselwe kumuntu osondelene nemisebenzi yomkhandlu kamasipala kanye/ noma ikomidi eliphezulu. Futhi oyohlezi eqwashile njalo uma kunamandla amasha adluliswayo noma kubuyekezwa noma kuchitshiyelwa amandla avele esedlulisiwe.

(ii) Indlela okuzobhalwa ngayo uhla oludidiyele lwamandla adluliselwe

Ngokujwayelekile, zimbili izindlela amandla adlulisiwe angahleleka ngayo ohleni.

- Ukuhlukanisa ngokwemisebenzi

Kule ndlela, wonke amandla adlulisiwe afakwa ngaphansi kwesihloko somsebenzi othile, isibonelo, Ezezimali, Ezabasebenzi noma Ezobuchwepheshe.

Uma le ndlela yokwehlukanisa isetshenziswa, uhla luzoba namakhalamu amane, isibonelo:

Inombolo	Ukugunyazwa kwekhefu lokugula	Inhloko Yomnyango	Nombolo
3.1	Ukugunyazwa kwekhefu lokugula	Inhloko Yomnyango	Nombolo 0

Nakuba le ndlela yenza kube lula ukuthola ukuthi umsebenzi othile udluliseliwe yini, nokuthi uma kunjalo, udluliselwe kubani, umthelela omubana ukuthi akuwona wonke amandla adlulisiwe athinta umsebenzi owodwa, ngakho-ke, kumele afakwe ohleni ngaphansi kwemikhakha eyahlukene.

- Ukwehlukanisa ngokwesiphathimandla esidluliselwe

Kule ndlela yokwehlukanisa, wonke amandla adlulisiwe amasha afakwa ngaphansi kwesihloko esifanele sesiphathimandla esidluliselwe kanti nenombolo yezinye izigaba isala ingaguqukile. Uma le ndlela isetshenziswa, izinto ezifakiwe zinamakhalamu amathathu aqukethe –

- Inombolo yamandla adlulisiwe (ngokulandelana kwezinombolo)

- Ukubhalwa ngokugcwele kwamandla adlulisiwe, kubandakanya amandla aphinde adluliselwa ezingeni elingaphansi kwelodluliselwe (uma ekhona);
- Inombolo yokubuyezekwa;

3. UMqondisi Wemisebenzi Ebnikele Abasebenzi			
Inombolo	Ukuhluwa kwamandla adlulisiwe	Ielphathimandla Eelnikeziwe	Inombolo Yokubuyezeka
3.1	Ugunyaza ukusetshenziswa kwezimoto zomkhandlu	Inhloko Yomnyango	Nombolo 1.0

Ingxenyana embi ngale ndlela ukuthi ukuze uthole ukuthi amandla athile edluliswa yini, umuntu kuyodingeka ukuba abheke kulo lonke uhla lwamandla adlulisiwe, ngaphandle uma etshelwa ukuthi kungenzeka ukuthi lawo mandla anikezelwa bani.

Ubuhle bale ndlela ukuthi umuntu uthole ngokuphonsa iso ukuthi yimiphi imisebenzi esidluliselwe kumuntu noma ikomidi elithile ngokuthola nje isihloko esifanele segunya elidluliselwe.

ISAPHLUKO 2

UKUDLULISWA KWAMANDLA OKUJWAYELEKILE

1. USOMLOMO

1.1 Amandla adlulisiwe

1.1.1 Njengazo zonke iziphathimandla zezombusazwe, usomlomo wenza imisebenzi futhi usebenzisa amandla adluliselwe kusomlomo ngokwesigaba 59 soMthetho weziNhlelo zoMasipala.

1.1.2 Wenza eminye imisebenzi ayinikezwe ngokwemithetho yenqubo yomkhandlu; kanye

1.1.3 Nanoma yiluphi olunye udaba umkhandlu ongalunquma.

1.2 Umgudu wokubika

Usomlomo ubika eMkhandlwini.

2. USODOLOBHA

2.1 Amandla adlulisiwe

2.1.1 Uma umkhandlu uya ekhefini, usodolobha, ngokubonisana nemenenja kamasipala uthatha izinqumo egameni leKomidi eliPhezulu noma amakhansela okuthi uma singathathwanga ngandlela thize kuthunaze umkhandlu, kuzo zonke izimo ezifuze lezo usodolobha kumele abike ngalezo zinqumo emhlanganweni olandelayo wekomidi eliphezulu;

2.1.2 Ungunyaza amafomu ezibonelelo zezinto zokuhamba nokuziphilisa zemenenja kamasipala noma ibamba lemenenja kamasipala;

2.1.3 Ungunyaza ukuhanjelwa kwezingqungquthela yimenenja kamasipala noma ibamba lemenenja kamasipala;

2.1.4 Ungunyaza ikhefu lemenenja kamasipala noma ibamba lemenenja kamasipala;

2.1.5 Nanoma yiluphi udaba umkhandlu ongalunquma.

2.2 Umgudu wokubika

USodolobha ubika eKomidini eliPhezulu kanye nasemkhandlwini.

3. IKOMIDI ELIPHEZULU

3.1 Amandla adluliselwe ekomidini eliphezulu

3.1.1 Amandla jikelele

- (a) Lijuba amakhansela ukuba asebenze ngokugcwele, njengoba kunqume uNgqongqoshe;
- (b) Linquma inqubomgomo mayelana nezindaba ezingena ngaphansi kwamandla adluliselwe eKomidini eliPhezulu noma ngaphansi kwamandla esigungu esiphezulu, ezingeni elingaphansi kwalo;
- (c) Liphawula ngemithetho ehlongozwayo kanye nezinqubomgomo;
- (d) Liqoka noma liphakamise amakhansela ukuba ahambele imihlangano noma izingqungquthela zikazwelonke noma eziseduze;
- (e) Liqoka noma liphakamise amakhansela ukuba amele umkhandlu emigwamandeni engaphandle;
- (f) Lengamele ukusebenza kwamakhansela;
- (g) Linquma ukuthatha izinyathelo noma ukuvikela nasiphi isinyathelo senkantolo ephakeme, noma inkantolo elingana nephezulu noma enamandla angaphezulu;
- (h) Linquma ukuthatha izinyathelo noma ukuvikela izinhlelo zokulamula ezindabeni lapho ezazingadingidwa yinkantolo ephakeme noma inkantolo elingana nephezulu noma enamandla angaphezulu;
- (i) Ligunyaza ikhefu kumalungu ekubeni angayihambeli imihlangano yekomidi eliphezulu;
- (j) Izinqumo zokudla impahla engasuki noma amalungelo empahla engasuki ngaphansi kohlaka lwenqubomgomo olubekiwe.

3.1.2 Ezezimali

- (a) Linquma inani lomonakalo odaleke emkhandlwini lapho imenenja kamasipala noma nayiphi enye imenenja ebika ngqo kumenenja kamasipala noma omunye umsebenzi kade eyimbangela yalowo monakalo, bese libuyisa lowo monakalo kubona;

- (b) Uthatha izinyathelo ezifanele mayelana nanoma yikuphi ukulahlekelwa noma ukushoda kwezimali noma impahla ekungekamasipala noma elawulwa yiwo okubandakanya izinsolo zokukhwabanisa, ukweba noma ubudedengu ohlangothini lwabo bonke abasebenzi, amalungu omkhandlu noma naluphi olunye uhlaka lomkhandlu;
- (c) Liphasisa ukususwa kwezimali ukusuka esambeni esikhulu kuncike ekutheni lokho kususwa kwezimali kwenziwa ezilinganisweni zokubuyekwezwa kwesabelomali;
- (d) Isombulula naluphi udaba olungagodliwe ngempela wumkhandlu noma olungadlulisiwe ngempela kolunye uhlaka noma umuntu.

3.2 Umgudu wokubika

Ikomidi liphezulu libika emkhandlwini.

4. IMENENJA KAMASIPALA

4.1 Amandla adluliselwe kwimenenja kamasipala:

- 4.1.1 Ukuphasisa, ngokubonisana nezinhloko zomnyango ezifanele, ukudayiswa endalini kwezimpahla ezisukayo ngokwenqubomgomo yezokuthenga njengoba iphasiswe wumkhandlu;
- 4.1.2 Ukusayina namiphi imibhalo efanele ukuze kufezekiswe nanoma yiziphi izinqumo zomkhandlu noma isinqumo sanoma yiliphi ikomidi lomkhandlu elisebenza ngokulandela amandla eliwanikeziwe;
- 4.1.3 Ukuthola izeluleko zezomthetho noma ukuthatha izinyathelo ezifanele ukuvikela izinyathelo, izicelo zokukhokhelwa amademeshe noma izinyathelo ezithathelwe uMkhandlu, kuncike ekutheni izinyathelo zenkantolo ephezulu kuyomele ziqale ziphasiswe yikomidi eliphezulu;
- 4.1.4 Ukuthola usizo lommeli noma ummeli wasemajajini nganoma yisiphi isizathu esisemthethweni;
- 4.1.5 Emva kokubonisana nesikhulu esiphezulu sezimali, ukudala izindleko zokuqasha abaphenyi ukuze kutholakale ubufakazi emacaleni ezinsolo zokungaziphathi noma ukukhwabanisa;
- 4.1.6 Emva kokubonisana nesikhulu esiphezulu sezimali, ukuhlawulisa ezimweni lapho izimpahla zilethwa emva kwesikhathi emkhandlwini;
- 4.1.7 Ukuphasisa izicelo zekhefu zezinhloko zomnyango;

- 4.1.8 Ukuphasisa ukudluliselwa okwesikhashana kwabasebenzi ukusuka komunye umnyango beya komunye;
- 4.1.9 Ukuphasisa ukukhokhelwa kwezicelo zezibonelelo zokuhamba nokuziphilisa mayelana namakhansela kanye nezinhloko zeminyango;
- 4.1.10 Ukuphasisa, ngokubonisana nenhloko yomnyango ofanele, izicelo zabasebenzi zemalimboleko yokufunda ngokulandela uhlelo lomkhandlu losizo ngokufunda ngokulandela inqubomgomo ophasisiwe;
- 4.1.11 Ukunquma ukushintshwa ngezindleko zikamasipala kwezinto zokusebenza zomsebenzi ezilimale noma eziphuke ngenkathi isetshenziselwa umsebenzi womkhandlu ezimweni lapho umsebenzi elindeleke ukuzihlinzeka ngawakhe amathuluzi noma izinto zokusebenza;
- 4.1.12 Ukunikezelwa komakhalekhukhwini noma ukukhokhelwa kwezibonelelo zomakhalekhukhwini kubasebenzi ngaphansi kwenqubomgomo ephasiswe wumkhandlu;
- 4.1.13 Kuye ngokuba khona kwezimali ezenele, ukuphasisa ukuhambela kwabasebenzi imihlangano, imihlangano yokucobelelana, izingqungquthela, izinkongolo kanye neminye imicimbi efuze leyo ezozuzisa umkhandlu futhi ezobanjelwa ngaphakathi eNingizimu Afrika;
- 4.1.14 Ukunquma ngokubuyiselwa kwamadiphozi amabhidi mayelana nalawo mabhidi lapho umkhandlu ungenasibopho sokubuyisa amadiphozi;
- 4.1.15 Ukunquma ngokusetshenziswa kwezimpawu, ifulegi kanye noqwembe olunemibala yomkhandlu ngenhloso yokwenza imigubho noma ezinye izinhloso;
- 4.1.16 Ukunquma ukuthi izindleko ezidalwe yinhlangano yokwenganyelwa kwezinhlekelele ihlinzeka usizo, kumele yini zibuyiswe wumkhandlu;
- 4.1.17 Ukunquma ukuthi ukudla kumele yini kuhlinzekwe abasebenzi bezinhlangano zokwengamela izinhlekelele ngesikhathi sokuhlinzeka usizo, kanye nokuphasisa umnikelo ongadluli kuma-R-----;
- 4.1.18 Ukunikeza igunya abantu kanye nezinhlangano ukuba bahlole amarekhodi amasu awumgogodla womkhandlu ngezinhloso zokwenza ucwaningo noma ngokusebenzisa uMthetho wokuKhuthaza

ukuFinyelela oLwazini kanye noMqulu wokuKhuthaza ukuFinyelela oLwazini njengoba wemukelwe ngumasipala;

4.1.19 Ukwenqabela naziphi izicelo zeminikelo, ezingeke zacutshungulwa ngokwenqubomgomo yomkhandlu;

4.1.20 Ukunikeza ikhefu eliyisipesheli kubasebenzi abangadlali, abaqeqeshi kanye nonompempe, ngenhloso yokubamba iqhaza kwezemidlalo ezingeni likazwelonke nelesifundazwe;

4.1.21 Ukuphasiswa kokukhokhelwa ngesiye kwabadlali ngokwenqubomgomo ebhekele abasebenzi abamela iNingizimu Afrika ezingeni likazwelonke;

4.1.22 Ukunikeza igunya lokusetshenziswa mahhala kwezakhiwo zomkhandlu uma kunemicimbi kanye nemisebenzi kamasipala;

4.1.23 Emva kokubonisana nezinhloko zomnyango ezithintekayo:

- (a) ukudala kanye nokugcwalisa izikhala zomsebenzi zesikhashana esimweni esiphuthumayo noma ezimweni ezibucayi kuye ngokuthi kuhlinzekelwe lokho kwisabelomali;
- (b) ukudlulisa kanye nokukhuphula abasebenzi ukusuka komunye umnyango beya komunye, kodwa hhayi izinhloko zeminyango, ngokulandela inqubomgomo kamasipala yokuqasha kanye nokubeka abasebenzi ezikhundleni;
- (c) Ukuqoka abantu ezikhundleni zamabamba kanye nokuphasisa ukukhokhwa kwezibonelelo zokuba yibamba;
- (d) ukuphasisa ukwabiwa kwezibonelelo zokuhamba kubasebenzi ngamanani aphasisiwe;
- (e) ukuphasisa ukuba abasebenzi bangenza umsebenzi wangasese okhokhelayo.

4.1.24 Igunya lokusebenzisa imali ngokulandela imikhawulo yezimali njengoba ibekiwe emibhalweni yokudlulisa amandla kamasipala ephasisiwe kanye nokusayina wonke amasheke kunye nesikhulu esiphezulu sezimali kanye nanoma yisiphi esinye isikhulu esigunyaziwe.

4.1.25 Igunya lokwenza misebenzi kanye nokusebenzisa amandla okungawomkhandlu ngokwezihlinzeko zanoma yimiphi imithetho yedolobha, ukusingathwa kwayo okunikezwe lowo msebenzi wumkhandlu kamasipala;

4.1.26 Igunya lokudlulisa amandla odluliselwe wona kubasebenzi bamasipala.

4.2 Umgudu wokubika

- Ubika emkhandlwini nasekomidini eliphezulu;
- Ubika kuNgqongqoshe ofanele;
- Ubika kuMcwaningi-mabhuku-Jikelele

5. ISIKHULU ESIPHEZULU SEZIMALI

5.1 Amandla kanye nemisebenzi yesikhulu esiphezulu sezimali:

- 5.1.1 Igunya lokuqoqa izimali ezikweletwa umkhandlu ngokwenkontileka, imithetho, imiyalelo yenkantolo, izinqumo zomkhandlu noma nasiphi esinye isizathu somthetho.
- 5.1.2 Igunya lokuthatha izinyathelo zomthetho egameni lomkhandlu mayelana nokubuyiswa kwanoma yiyiphi imali ekweletwa umkhandlu nganoma yisiphi isizathu futhi nakunoma yiyiphi inkantolo, enegunya, kubandakanya ukusayinwa kwayo yonke imibhalo efanele. Lokhu kuhlenganisa amandla okuyalela abameli bomkhandlu kanye nommeli wasemajajini uma kunesidingo, ukuba amele umkhandlu emacaleni alolu hlobo;
- 5.1.3 Ukufaka izicelo zenkokhelo kanye nokukhokhela abantu abangongoti noma izinkampani;
- 5.1.4 Igunya lokukhipha izimali maqondana nemali yokusebenza kanye nezinto ezinkulu ngokulandela isabelomali sokusebenza esiphasisiwe;
- 5.1.5 Igunya lokubamba imali, kuncike eMthethweni Wezimo zokuSebenza eziyisiSekelo kanye neminye imithetho efanele, emholweni womsebenzi noma ikhansela elikweleta umkhandlu;
- 5.1.6 Igunya lokuthatha isinqumo mayelana nokuthatha izinyathelo zomthetho zokukhokhwa kwamademeshe empahleni yomkhandlu okudalwe uhlangothi lwesithathu, kanye nezindleko maqondana nokulimala okwadaleka kumsebenzi ngenkathi esebenza, umkhandlu okumele uzithwale ngokoMthetho wokuNxephezela abaSebenzi, 1993 (uMthetho No. 130 ka 1993) kanye nesivumelwano sekhefu, esimweni lapho kungolunye uhlangothi oludale ingozi noma isehlakalo;

- 5.1.7 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusebenzisa amandla okungawomkhandlu ngokwezihlinzeko –
- (a) zemithethonqubo yezimali;
 - (b) ngokwemithethonqubo ephathelene noxhaso lwezindlu kubasebenzi.
- 5.1.8 Ukubhekana nazo zonke izinto ezithinta umshwalense wezimpahla zomkhandlu;
- 5.1.9 Ukusayina imibhalo engaba nesidingo uma kufunwa izimali ezitholakale kunoma yimuphi umnyango wesifundazwe;
- 5.1.10 Ukutshala izimali ngendlela ezozuzisa kuncike kwiNqubomgomo yomkhandlu yokutshala izimali nemali engukheshi kanye nomthetho osetshenziswayo, futhi kubikwe ngokwesigaba 71 se-MFMA;
- 5.1.11 Ukungenela isivumelwano egameni lomkhandlu ukuze kukhokhwe izimali ezisilele emuva ekukhokheni ngabakweleta umkhandlu;
- 5.1.12 Ukubuyisela noma ukukhokhela izindleko zokuthutha ifenisha yabasebenzi abasha ngokulandela inqubomgomo yomkhandlu efanele;
- 5.1.13 Ukugunyaza ukukhokhwa kwenkokhelo ye-IOD esimweni lapho umsebenzi elimala esemsebenzini;
- 5.1.14 Ukuthola, ngokubonisana nemeneja kamasipala, imali yebhange esetshenziswayo eyevile emalini ekhona noma ukuthola imalimboleko ngokwezivumelwano zesikhashana lapho zidingeka bese zibikwa emkhandlwini;
- 5.1.15 Ukuqala ukusebenzisa inqubomgomo yomkhandlu maqondana nokuphathwa kwezikweletu kanye nokuqoqwa kwezikweletu;
- 5.1.16 Igunya lokuthi kutholwe inani elilinganisiwe lesikhashana elilinganiselwe isakhiwo ngabashayi bentengo boMkhandlu uma kunesidingo, maqondana nanoma yisiphi isakhiwo esisendaweni kamasipala;
- 5.1.17 Ukukhishwa kwezitifiketi zentela, eziqinisekisa ukuthi amareyithi, izimali ezikhokhwayo, amanani kanye nentela emaqondana nesakhiwo esithize esisendaweni kamasipala, kukhokhelwe umkhandlu njengoba kudingekile emthethweni osetshenziswayo;
- 5.1.18 Igunya lokusayina imiqulu elandelayo:
- (a) Izitifiketi zamashezi esimweni lapho kugunyazwe imalimboleko;

- (b) Yonke imiqulu ephathelene nokuqoqwa kwemali ekweletwayo yoMkhandlu, eNkantolo yeMantshi noma eNkantolo ePhakeme;
- (c) Izitifiketi zezikweletu.

5.1.19 Igunya lokukhipha imali ngokuhambisana nemikhawulo yezimali ebekiwe emaqondana nohlelo olugunyazwe ngumasipala lokunikezelwa kwegunya komunye umuntu.

5.2 Amandla omthetho, imisebenzi kanye nezibophezelo ezabiwe ngokoMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala (MFMA)

5.2.1 Maqondana

- nazo zonke izimali ezingenayo kanye nemali esetshenziswe ngumasipala;
- nayo yonke impahla kanye nokukhishwa kwamacala ezimali zikamasipala; futhi
- nokuhambisana noMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaMasipala ngendlela efanele.

5.2.2 Ukuqinisekisa ukuthi umasipala ugcina –

- izinhlelo ezisebenzayo, ezifanele futhi ezibeka obala izinhlelo zezimali kanye nokuphathwa kwezimpahla zangaphakathi kumasipala;
- uhlelo lokucwaningwa kwamabhungu angaphakathi kumasipala;
- uhlelo olufanele lokugcina kanye nokuhlinzekela ngemisebenzi olufanelekile, olulingene, olubeka konke obala, olusebenza kahle futhi olubiza ngendlela efanele;
- uhlelo lokuhlolwa kwesakhiwo kanye nokubeka phambili yonke imiklamo yemali ngaphambi kokuthatha isinqumo sokugcina esimaqondana nomklamo.

5.2.3 Ukugcina ngokugcwele nangendlela efanele yonke iminingwane eqondene nezimali zikamasipala ngokuhambisana nanoma yimiphi imigomo kanye nemibandela ebekiwe;

- 5.2.4 Ukusetshenziswa ngendlela esebenza kahle, efanele, eyongayo kanye nebeka obala konke ukusetshenziswa kwezinsiza zikamasipala.
- 5.2.5 Ukuthatha izinyathelo ezisebenza kahle futhi nezifanele:
- zokuqoqa yonke imali ekhokhelwa umasipala;
 - zokugwema ukusetshenziswa kwezimali okungagunyaziwe;
 - zokuphathwa kwemali ekhona ngendlela efanele futhi neyongayo.
- 5.2.6 Ukubikela abemiSebenzi yamaPhoyisa eNingizimu Afrika ngaphandle kokuchitha isikhathi, konke okulahleke ngenxa yezinsolo zobugebengu;
- 5.2.7 Ukuphathwa, kubandakanya nokugadwa kanye nokugcinwa kwezimpahla, kanye nokuphathwa kwezimpahla zikamasipala;
- 5.2.8 Ukuhambisana kukamasipala nezibophezelo zentela, zezimali ezikhokhelwa abasebenzi, zemisebenzi, zempesheni kanye nezokucwaningwa kwamabhuku ngokudingekile emthethweni;
- 5.2.9 Ukuhlelwa kwezivumelwano zezibophezelo zokukhokhwa kwayo yonke imali ekweletwa ngumasipala esikhathini okuvunyelwane ngaso;
- 5.2.10 Lapho kutholakala ukuthi kusetshenziswe imali engagunyaziwe, kumele ngokushesha, kubhalwe phansi, imininingwane yokusetshenziswa kwemali, kubikelwe usodolobha, amalungu oMkhandlu oPhethe esiFundazweni abhekele izimali kanye nohulumeni basekhaya kanye noMcwaningimabhuku oMkhulu;
- 5.2.11 Ukuphathwa kwesabelomali kanye nehhovisi lomgcinimafa, kanye noPhiko lwezokuThenga, futhi nokwaluleka imeneja kamasipala kanye nezinye iziphathimandla maqondana nezindaba zezimali;
- 5.2.12 Ukubeka isabelomali sonyaka ohlelweni olukhombisa imali etholwayo ngohlelo olwakhiwe ngumasipala kanye nemali yoMnyango, kanye nokuhambisana nanoma yimiphi imigomo ekhishwe uMnyango woMgcinimafa KaZwelonke izikhathi nezikhathi;
- 5.2.13 Ukuqinisekisa ukuthi amaholo eziphathimandla zombusazwe ahambisana nomthetho;
- 5.2.14 Ukubikela umkhandlu ngakho konke ukusetshenziswa kwezimali zamaholo zabasebenzi, izinkokhelo, kanye nezinzuzo;

- 5.2.15 Lapho ukwabiwa kwezimali zemiklamo ku'ba ngaphezulu konyaka owodwa, kuqinisekiswa ukuthi ukuweliswa kwezimali ziya komunye unyaka kuhambisana nesigaba 31 se-MFMA;
- 5.2.16 Kuvulwe futhi kugcinwe okungenani ibhuku lasebhange elilodwa elisegameni likamasipala, futhi kwaziswa ngokubhalela uMnyango woMgcinimafa Kazwelonke nanye noMcwaningimabhuku oMkhulu, ngemininingwane.
- 5.2.17 Ukwazisa uMnyango woMgcinimafa Kazwelonke lapho ibhuku lasebhange likamasipala likhombisa ukuthi ukusetshenziswa kwemali sekweqile emalini ekhona;
- 5.2.18 Ukwethulela umkhandlu umbiko ogcwele ngokukhishwa kwezimali ebhange ikwata ngayinye, futhi kunikezwe uMnyango woMgcinimafa Kazwelonke kanye noMgcinimabhuku oMkhulu, ikhophi yombiko ogcwele;
- 5.2.19 Ukuqinisekisa ukuthi izidingo zokwenza izikweletu zesikhashana nezesikhathi eside zihambisana nesigaba 45 kanye nesigaba 46 se-MFMA;
- 5.2.20 Ukubika nyangazonke, ngamakwa kanye nangohhafu wonyaka ngokusebenza kwesabelomali soMkhandlu ngokweZahluko 7, 8 kanye no-12 ze-MFMA;
- 5.2.21 Ukugunyazwa kokwenza imisebenzi kanye nokusetshenziswa kwamandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko zanoma yimiphi imithetho yedolobha ngokuphatha okuthweswe isiphathimandla wumkhandlu kamasipala.

5.3 Umgudu Wokubika

Ibikela imeneja kamasipala.

6. INHLOKO YOMNYANGO: UPHIKO OLUBHEKELE ABASEBENZI

6.1 Amandla adluliselwe kwiNhloko yoMnyango: uPhiko oluBhekele abaSebenzi

6.1.1 Igunya lokusayina imiqulu elandelayo:

- (a) Isimemezelo somthengisi sokukhokhelwa kwemisebenzi yokudluliswa kwesakhiwo maqondana nezimali zesakhiwo esingabandakanyi isimemezelo esiphathelene nezakhiwo ezakhiwe ngezimali ezitholakale kunoma yimuphi umnyango kahulumeni;
- (b) Isivumelwano sokuqasha esimaqondana nokuqashwa kwesakhiwo somkhandlu kanjalo nesakhiwo esiqashwe wumkhandlu, okungabandakanyi imiqulu iphathelene nokuqashwa kwezakhiwo ezakhiwe ngezimali ezitholakale kuhulumeni kazwelonke kanye nowesifundazwe;
- (c) Izivumelwano zokugcinwa kwamakheshi ezakhiweni zikamasipala kanjalo nezivumelwano zokugcina impahla ezimaqondana nezimpahla zomkhandlu eziphethwe ngumphathi ophethe;
- (d) Izivumelwano eziqondene nokufakwa kwezingcingo ngezinhlalo zokwenza umsebenzi noma eziphathelene nezicelo ezenziwe ngumuntu osebenzisa izindawo zomkhandlu;
- (e) Yonke imiqulu edingeka ukuthi ibhaliselwe iziza noma ezinye izakhiwo ezingasetshenziswa wumkhandlu, ngaphandle kwemiqulu yokubhaliswa kweziza noma kwezakhiwo ezingasetshenziswa wumkhandlu lapho kunezakhiwo ezakhiwe ngezimali ezitholakale kuhulumeni kazwelonke kanye nowesifundazwe;
- (f) Yonke imiqulu ezodingeka ngesikhathi sokubhaliswa kwezakhiwo egameni lomkhandlu ngaphandle kokubheka indlela yomkhandlu yokuthola leso sakhiwo;
- (g) Izivumelwano ezingadingeka ukwahlukaniswa kwanoma yimaphi amalungelo ezakhiwo zomkhandlu;
- (h) Yonke imiqulu engadingeka ngokuhambisana nezihlinzeko ezifanele zoMthetho wokuThathwa koMhlaba, 1975 (uMthetho 63 ka 1975);
- (i) Yonke imiqulu engadingekela ukubhaliswa kwezivumelwano zokusetshenziswa komhlaba noma zokulungiswa kwezivumelwano lapho kubandakanya umkhandlu;

- (j) Izivumelwano eziphathelene nolayini bakaloliwe noma namalungelo omuntu wesithathu;
- (k) Noma yimiphi eminye imiqulu lapho kugunyazwe amandla yiKomidi eliPhethe noma yimeneja kamasipala;

6.1.2 Ngokubonisana neNhloko yoMnyango: yoPhiko lweziNgqalasizinda kuvezwe amalungelo oMkhandlu maqondana nokusetshenziswa komkhandlu;

6.1.3 Igunya lokuthatha isinqumo ngohlobo lokuthutha okumele lusethenziswe yiziphathimandla ezidinga ukuthamela imihlangano, imihlangano yokucobelelana ngolwazi, amasemina, izinkomfa, ukhukhulelangoqo neminye imicimbi ephathelene nalokhu kanye nokuthatha uhambo olubalulekile ngezinhloso ezihambisana noMkhandlu, futhi oluhanjelwa ngaphakathi eNingizimu Afrika.

6.1.4 NjengoMphathi wemiSebenzi yabaSebenzi –

6.1.5 Ukuphathwa kwezibophezelo zomkhandlu eziphathelene –

- noMthetho wokuLingana kwabaSebenzi;
- uMthetho wokuThuthukiswa kwamaKhono;
- uMthetho oPhathelene nemiSebenzi; kanye
- Nemibandela eNqala yoMthetho wabaSebenzi

(a) Lapho kunomuntu omusha oqokiwe, uma lowo oqokiwe ebophezeleke ukuthi ashintshe indawo yakhe yokuhlala ngenxa yokugqoka kwakhe, athole imvume ngokweNqubomgomo Yomsebenzi yomkhandlu ukuze kukhokhelwe izindleko zokushintsha indawo yokuhlala: Kuncike ekutheni kuvezwa ubufakazi bezindleko ezakhekile.

(b) Ngokubonisana nenhloko yomnyango efanele, kunqunywe ngokuqinisekiswa kokuqoka komsebenzi obeqokwe ngokuthi abekelwe isikhathi sokwenza umsebenzi ngaphambi kukuba aqokwe ngokugcwele, ngokuqoka kwakhe ngokugcwele noma ngokwandiswa kwesikhathi sokusebenza ngaphambi kokuqoka ngokugcwele ngesizathu sokusebenza kwakhe noma

sokwandisa amakhono okusebenza komqokwa ngokuhambisana nezihlinzeko zomthetho wezemisebenzi;

- (c) Ngokubonisana nenhloko yomnyango efanele, kuqedwe ngokunikeza isaziso esifanele, noma yimuphi umsebenzi wetoho, noma ngabe osebenza ngokugcwele noma oyitoho, uma ukusebenza kwakhe kungasadingekile, ngokuhambisana nezihlinzeko zomthetho wezemisebenzi;
- (d) Ngokubonisana nenhloko yomnyango ofanele, kuthathwe isinqumo ngokuvunywa noma ngokunqatshwa kwesaziso sokuphela komsebenzi esivela kumqashwa ngesikhathi esifishane kunalesi esibekwe emibandeleni yokusebenza komqashwa;
- (e) Ngokubonisana nenhloko yomnyango efanele, kuncike ekutheni ukunikezelwa kwemvume akuphazamisi ukusebenza komqashwa, kunikezwe imvume kumqashwa ofake isicelo sokwenza omunye umsebenzi okhokhelwayo;
- (f) Igunya lokugunyaza inkokhelo yokuba yibamba yomqashwa ngokwemibandela yakhe yokusebenza, ngokuthola isitifiketi esikhishwe yinhloko yomnyango ofanele, esifakazela ukuthi umqashwa ube yibamba lesikhundla okukhulunywa ngaso;
- (g) Ngokubonisana nenhloko yomnyango efanele kugunyazwe ukwandiswa kwesikhathi sekhefu (*non-accumulative leave*) somqashwa, kuncike esivumelwaneni semibandela yokwenza umsebenzi;
- (h) Ngokubonisana nenhloko yomnyango efanele, ukulungiswa kohlelo lwemifaniswano yonyaka kanye nezingubo zokuvikela;

6.1.6 Ngokubonisana nemeneja kamasipala, kugunyazwe ochwepheshe bangaphandle kwamasisipala abaqokwe wumkhandlu ukuthi baqoke abasebenzi bendawo ukuthi bahlole imisebenzi yenkontileka.

6.1.7 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusetshenziswa kwamandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko zanoma yimiphi imithetho yedolobha, ukusingathwa kwayo okunikezwe lowo umsebenzi wumkhandlu kamasipala.

6.1.8 Ngokubonisana nemeneja kamasipala ukuthi iphathe Imithethonqubo Yokusebenza Kukamasipala yimeneja kamasipala kanye nabaphathi ababika kimeneja kamasipala, 2006.

6.2 Imigudu wokubika.

Ibikela imeneja kamasipala.

7. INHLOKO YOMNYANGO: YOPHIKO LWEMISEBENZI YOBUCHWEPHESHE

7.1 Amandla anikezelwe iNhloko Yomnyango: YoPhiko Lwemisebenzi yobuChwepheshe

7.1.1 Ngokubonisana nemeneja kamasipala, ukuthi ivumele imisebenzi

yochwepheshe bangaphandle kwamasipala, ngokwenqubomgomo wokuphathwa kwezimpahla, maqondana nanoma yiziphi izindaba eziphethwe yiyo, lapho izimali zochwepheshe wangaphandle kwamasipala kanye nezindleko zingeqile enanini elinqunyiwe elibekwe wumkhandlu libekelwa iphrojekthi ngayinye.

7.1.2 Igunya lokusayina imiqulu elandelayo:

- (a) Izinkontileka eziphothulwe wumkhandlu zezakhiwo kanye nemisebenzi yokwakha;
- (b) Izinkontileka eziphothulwe wumkhandlu maqondana nemiklamo ekhishwe wumnyango;
- (c) Yonke imiqulu kanye nezivumelwano eziqondene nezicelo zokuthola igunya (amalayisensi ezimayini) ukuze kumbiwe amatshe endaweni kamasipala, ngokuhambisana nezihlinzeko zomthetho wokumbiwa kwamatshe;
- (d) Izivumelwano zokuthenga noma zokuqashisa eziqondene nezakhiwo ezazakhiwe ngezimali zikahulumeni noma zezinye izindlu eziqashwe wumkhandlu.

7.1.3 Igunya lokuthola imvume yokukhandwa kwamamitha amanzi akwabanye omasipala ngaphansi kwale mibandela yokuthi –

- amamitha amanzi alimele athuthelwa endaweni yomkhandi okhethwe wumkhandlu ukuze akhandwe, bese elandwa emva kokuqedwa kokukhandwa;
- amamitha amanzi awuhlobo olunengxenye ezitholakalayo;
- umasipala oqondene nalokhu ukhokhela izindleko zokukhanda kanye nezimpahla zokukhanda kanye nemali yelevi ehambisana nenombolo ebhalwe emitheni lamanzi; futhi
- Nokuthi omunye umasipala uhlinzekela nge-oda lesiphathimandla emkhandlwini nge-oda ngalinye.

7.1.4 Igunya lokuvumela ukuqokwa kochwepheshe wangaphandle kukamasipala ngabathuthukisi bamadolobha abazimele;

7.1.5 Igunya lokuvumela abantu abazimele noma izinhlangano ukuthi zenze umsebenzi endaweni yoMkhandlu: Kuncine ekutheni –

- Lokhu akukhubazi izinhloso zomkhandlu; futhi
- Umkhandlu ubuyisela ngokuthi ubhale phansi wonke umonakalo kanye nezicelo ezakheke ngenxa yokwenziwa komsebenzi;

7.1.6 Igunya lokulungisa izintela ezitholakala esivumelwaneni esenziwe nabasebenzi bangaphandle kukamasipala izikhathi nezikhathi, ngokuhambisana nezintela ezishicilelwe kwiGazethi kaHulumeni ngokuhambisana nomthetho oqondene nalokhu;

7.1.7 Ngokubonisana neSikhulu esiPhezulu seziMali, kugunyazwe ukugcizelelwa kokusetshenziswa kwezigaba zenhlawulo eziqukethwe esivumelwaneni somkhandlu uma kulethwe izimpahla kanye nezinsiza sekudlule isikhathi esinqunyiwe;

7.1.8 Igunya lokuvumela noma lokwenqaba wonke amapulani ezakhiwo kanye nokunquma ngomgcele wesakhiwo, izikhala ezilingene njengoba kubekiwe eSikimini sokuHlelwa kweDolobha;

7.1.9 Igunya lokubhekela kanye nokuphothula zonke izicelo ezifakiwe ukuthi zikhangiswe ngokuhambisana nezihlinzeko ezilawula ukukhangiswa ngokuhlanganyela neKomidi lokuHlela;

7.1.10 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusetshenziswa kwamandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko –

- zoMthetho wokuGwenywa kokuSuswa eNdaweni ngokungemthetho kanye nokuHlala eMhlabeni ngokungemthetho, 1998 (uMthetho 19 ka 1998);
- Izivumelwano zokuqashwa kwezindlu zikamasipala;
- zoMthetho kaZwelonke wokuLawulwa kweZakhiwo kanye namaZinga ezaKhiwo (uMthetho No. 103 ka 1997); kanye
- nezihlinzeko zomthethonqubo oqondene nokunikezwa kwezinombolo izakhiwo kanye nezindawo, kanye nokunikezelwa kwamagama ezindaweni zokuhlala;

7.1.11 Ukuvunywa noma ukunqaba izicelo zokusetshenziswa kwezindawo zomhlaba ezakhiwele izinhloso zikamasipala, ngezinhloso zokwakha noma zokwakhiwa kwezinye izakhiwo: Kuncike ekutheni lokho kusetshenziswa komhlaba noma kwendawo akukhubazi izinhloso ezazibhaliselwe lowo mhlaba;

7.1.12 Igunya lokuthola imvume yokugudluka noma yokwelula ngokoMthetho KaZwelonke Wokulawulwa Kwezakhiwo kanye Namazinga Ezakhiwo (uMthetho No. 103 ka 1997) ngaphandle komthethonqubo ophethelene nokwelulwa kanye nokugcinwa kwezakhiwo;

7.1.13 Igunya lokwelula imithetho yobude bezakhiwo ukuthi zingeqi ngaphezulu kwamamitha ayi-10, lapho kunesidingo;

7.1.14 Ngokubonisana neSikhulu Esiphezulu Sezimali, igunya lokusebenzisa izigaba zenhlawulo equkethwe ezivumelwaneni zomkhandlu lapho izimpahla kanye nezinsiza zilethwe sekudlule isikhathi esinqunyiwe;

7.1.15 Ukwenza izincomo eminyangweni kahulumeni efanele maqondana nokuvunywa noma nokunqatshwa kwezicelo zokubhidliza noma zokwakha kabusha izindlu;

7.1.16 Igunya lokuvumela izimvume ezidingekile, kuze kube kuqashwa uchwepheshe womklami, ukuthi anikezele ngomsebenzi ngezingxenye eziklanyiwe, kuncike ekutheni izimali ezifanele kumele zitholakale ngokomthetho obekiwe, futhi kuncike ekutheni akukho ukuqokwa okuzoba ngaphezulu kwenani elinqunyiwe;

- 7.1.17 Lapho kufakwe izicelo zokuthi kunwetshwe umgwaqo wezakhiwo maqondana nalapho kwakhiwe khona isakhiwo endaweni, igunya lokuphuthula lezo zicelo ngendlela yokuphatha kuncike ekutheni imingcele yesakhiwo esibaluliwe iyanetshwa ibe ngangesikali esibekiwe, uma lokhu kuhlinzekelwe ngendlela efanele yesikimu;
- 7.1.18 Igunya lokubhekela izicelo ezifakiwe zezimboni zezimpahla zezindlu kanye nezindlu zezindawo zokudla ngokweSikimu sokuHlelwa kweDolobha. Uma kwenzeka kubonakala ukuthi isicelo leso singase sibe nomthelela endaweni yomphakathi, kumele, uma isicelo siphikiswa ngabanini bezakhiwo endaweni, izidlulisele kuMkhandlu ukuze uthathe isinqumo;
- 7.1.19 Ukukhishwa kwezitifiketi, ngokuhambisana nezindingo zeBhodi Yamalokishi Esifundazwe, lowo muntu ofake isicelo sokusungulwa kwelokishi, osuke ehlinzeke ngemisebenzi ngendlela egculisa uMkhandlu;
- 7.1.20 Ukukhishwa kwezigama zezakhiwo kanye nokukhishwa kwezitifiketi kanjalo nezokukhishwa kwezimibandela yamatayitela ezakhiwo ukuze kuhanjiswa nezihlinzeko zesiKimu sokuHlelwa kweDolobha; futhi
- 7.1.21 Igunya lokwakha izimpawu zomgwaqo, ukubhalwa kwemigwaqo kanye nokusetshenziswa kwemithetho yomgwaqo.

7.2 Imisebenzi ephathelene nogesi

- 7.2.1 Igunya lokwandisa ukuphakelwa kukagesi endaweni yomkhandlu, ukuxhunywa kukagesi ngokwemithethonqubo yokuphakelwa kukagesi kanye nokugunyazwa ukukhokhelwa kokuxhunywa kukagesi;
- 7.2.2 Ngokubonisana nemeneja kamasipala, igunya lokuvumela imisebenzi yomuntu ongaphandle kukamasipala, ngokomthethonqubo wokuphathwa kokuhlinzekelwa kwemisebenzi, emaqondana nanoma yiluphi udaba aluphethe, lapho izimali zomsebenzi ongaphandle kukamasipala kanye nezindleko zakhe zingeqi ngaphezu kwenani elinqunyiwe lokwenza umsebenzi;
- 7.2.3 Igunya, uma kuqashwe umphathi wezimayini, lokuqasha okudingekile ngokwezihlinzeko zoMthetho wezeziMboni kanye nokuMbiwaphansi, futhi nezihlinzeko zoMthetho weZiqhumane (uMthetho No. 27 ka1956);

7.2.4 Igunya lokunikeza imvume kubasebenzisi bakagesi ukuthi badayise ugesi ngaphansi kwemibandela equkethwe kwimithethonqubo yokuphakelwa kukagesi;

7.2.5 Igunya kokusayina imiqulu elandelayo –

(a) Izinkontileka eziphothulwe wumkhandlu zemisebenzi kagesi;

(b) Izinkontileka eziphothulwe ngumkhandu kanye nonjiniyela bagesi ababonisayo bomakhenikha, kanye nemisebenzi kagesi;

7.2.6 Igunya lokwenza umsebenzi kanye nokusebenzisa amandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko –

- zomthethonqubo wokuphakelwa kukagesi;
- zoMthetho kaGes; kanye
- noMthetho wezeMpilo kanye nokuPhepha eMsebenzini, 1993, njengophakela ugesi endaweni kamasipala.

7.2.7 Ngokubonisana nemeneja kamasipala, kuhlinzekelwe ngosizo

lwezingqalasizinda kanye nokuqeqeshwa kwabanye omasipala, abantu abazimele kanye nezinhlango okubonakala kunesidingo ukuthi kwenziwe, ngaphandle kokukhubaza ukuqeqeshwa kwamalungu oMkhandlu;

7.2.8 Igunya lokwenza ukunwetshwa kunoma yisiphi isakhiwo ngokwezihlinzeko zomthethonqubo olawula izinkulisa kanye nezikole ezinezinkulisa: Kuncike ekutheni ukuhlinzekelwa Kwemithethonqubo Yezakhiwo Zikazwelonke akuphikiswa;

7.2.9 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusebenzisa amandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko zemithetho yedolobha, ukuphathwa okunikezelwe kumsebenzi wumkhandlu kamasipala.

7.3 Imigudu yokubika.

Ibikela imeneja kamasipala.

8. INHLOKO YOMNYANGO: YOPHIKO LWEMISEBENZI YOMPHAKATHI

8.1 Amandla anikezelwe iNhloko Yomnyango YoPhiko Lwemisebenzi Yomphakathi

8.1.1 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusebenzisa amandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko, isibonelo -

- Imthethonqubo ephathelene nokuhlanzeka kweziza;
- Imithethonqubo ephathelene nezinkulisa kanye nezikole ezibheke izingane;
- Imithethonqubo ephathelene nobisi kanye nokukhiqizwa kobisi;
- Imithethonqubo ephathelene nempilo yomphakathi kanye nezindawo zokuhamba indle;
- Imithethonqubo ephathelene nokudayiswa kwenyama;
- Imithethonqubo ephathelene nokudayiswa kokudla emphakathini;
- Imithethonqubo ephathelene nezindawo zamathuna, izindawo zokulothisa kanye nokumbiwa kwezidumbu;
- noMthetho wezeMpilo (uMthetho No. 61 ka 2003);
- Imithetho yedolobha yeziGcinalulwazi; kanye
- nemithetho yeDolobha yokuPhathwa kokuHwebela eMgwaqeni kanye nokuQoqwa;

8.1.2 Igunya lokukhishwa zonke izaziso zomthetho zokuqedwa kwenkathazo;

8.1.3 Igunya lokunikeza imvume yokwenza zonke izinhlelo eziqondene nokungcwatshwa komfokazana oshonse endaweni kamasipala;

8.1.4 Igunya lokubhekela izicelo ezifakiwe zokuthola amalayisensi ebhizinisi ngokuhambisana nezihlinzeko zoMthetho Wamabhizinisi (uMthetho No. 71 ka 1991);

8.1.5 Igunya lokuxoxisana noMasipala wesiFunda ukuthi unqume ngokuthi abezokucishwa kwemililo bangasetshenziselwa ukulwa nemililo ngaphandle kwemingcele yendawo kamasipala;

8.1.6 Igunya lokwenza yonke imisebenzi ephathelene nemithelele yenhlalo yokulethwa kwezindlu ngokwentuthuko yezindlu, isikimu sokuthola isephulelo kanye nempahla eqashisiwe;

- 8.1.7 Igunya lokwenza yonke imisebenzi ephathelene nezemidlalo kanye nokungcebeleka;
- 8.1.8 Igunya lokwenza yonke imisebenzi ephathelene nentuthuko yentsha kanye neyobulili;
- 8.1.9 Igunya lokwenza yonke imisebenzi ephathelene nabosizo lweNgculazi.

8.2 Imisebenzi yokuphepha

- 8.2.1 Igunya lokususa amamitha ezindaweni zokupaka ezimweni eziphuthumayo;
- 8.2.2 Igunya lokubhekela kanye nokuphothula izicelo ezifakiwe zokukhangisa kwesikhashana kanye namaphosta, ukubekwa kwamabhena kanye namaphosta amaqondana nemicimbi kanye neminye imicimbi, kanjalo futhi nezinye izindlela zokukhangisa, kwezinye izinto, ngokusebenzisa amabhelunda, ngokuhambisana nezihlinzeko zomthethonqubo wokukhangiswa kwezikhangisi;
- 8.2.3 Igunya lokunikeza imvume yokusetshenziswa kwemibhobho emigwaqeni ngenhloso yokukhangisa imicimbi, ezokwenzeka ngokwenqubomgomo yomkhandlu;
- 8.2.4 Igunya lokubhekana nesikhalazo esivela kwilungu lomphakathi noma ephoyiseni maqondana nokungasetshenziswa kahle kwezimali ezitholakele, ngokucela noma yimuphi umuntu othola uxhaso lwemali ukuthi aveze imvume noma imvume eyisipesheli ephathelene nokuthola uxhaso lwemali ngokuhambisana nezihlinzeko zomthetho ofanele;
- 8.2.5 Igunya lokuthola inkokhelo yokusuksa noma yokugcina impahla maqondana nezimoto ezithathwe wumnyango;
- 8.2.6 Igunya lokunquma ngokubekwa ngokomthetho, izindawo zokupaka;
- 8.2.7 Igunya lonikeza imvume yokuhamba, yokugijima kanye neminye imicimbi ezobanjelwa emigwaqeni esendaweni kamasipala, kanye neyokuvalwa kwemigwaqo okwesikhashana;

- 8.2.8 Igunya lokusebenza njengesiphathimandal esiphethe ngokwezihlinzeko zoMthetho Wokulawulwa Kwemicimbi, 1993 (uMthetho No. 205 ka 1993)
- 8.2.9 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusetshenziswa kamandla anikezwe uMkhandlu maqondana nokusetshenziswa kweziqhumane, izibhamu noma okuthi akufane nalokhu njengoba kuqukethwe ezinhlinzekweni zoMthetho weziQhumane, 1956 (uMthetho No. 27 ka 1956) kanye nezihlinzeko zomthethonqubo olawula umsindo, oshicilelwe ngokoMthetho wokoNgiwa kweMvelo, 1998 (uMthetho No. 107 ka 1998);
- 8.2.10 Igunya lokwenza umsebenzi kanye nokusetshenziswa kamandla anikezwe uMkhandlu ngokwezihlinzeko:
- Zomthethonqubo ophathelene nokukhangiswa kwezikhangiso;
 - Zomthethonqubo ophathelene nophethilomu kanye nolunye uketshezi;
 - Zomthethonqubo ophathelene nokuhamba kwezimoto.
- 8.2.11 Igunya lokubeka noma lokubeka kabusha izinsuku zokuqoqa emgwaqeni lapho kutholakale izicelo ezisemthethweni;
- 8.2.12 Igunya lokusebenzisa izinhlelo zokusetshenziswa kwemithetho yohamba kwezimoto;
- 8.2.13 Igunya lokwenza uphenyo olupathelene nokuhamba kwezimoto emgwaqeni oludinga uphenyo kanye nokuthathwa kwezinyathelo lapho kunesidingo;
- 8.2.14 Igunya lokuhlanganisa ukusetshenziswa komthetho kanye neminye imisebenzi ephathelene nomthetho;
- 8.2.15 Igunya lokwenza imisebenzi noma ukusebenzisa amandla anikezwe uMkhandlu ngokwezihlinzeko zemithetho yedolobha, ngokuphathwa okunikezwe umsebenzi wumkhandlu kamasipala.

8.3 Imigudu youbika

Ibikela imeneja kamasipala.

9. INHLOKO YOMNYANGO: YOPHIKO LWEMISEBENZI YOKUHLELA KANYE NENTUTHUKO KAMASIPALA

9.1 Amandla adluliselwe iNhloko yoMnyango: yoPhiko lwemiSebenzi yokuHlela kanye neNtuthuko kaMasipala

9.1.1 Igunya lokunikeza imvume yokwakhiwa kwendawo yesibili yokuhlala endaweni eyodwa ngokweSikimu Sokuhlelwa Kwedolobha kanye neminye imithetho ephathelene nalokhu;

9.1.2 Igunya lokukhipha izitifiketi zokuyekela ngokwezihlinzeko zoMthetho we-*Sectional Titles Act*, 2003 (uMthetho No. 29 ka 2003);

9.1.3 Igunya lokuvuma izicelo ezifakiwe zokuhlanganiswa kanye nokuhlukaniswa komhlaba ongekho ngaphansi kukamasipala futhi lapho kunesidingo, ukuhlelwa kwemibandela yesigaba sezakhiwo okumele zibhaliselwe maqondana namatayitela ezakhiwo okuqondenwe nazo, kanjalo futhi nokunqunywa kwezimvume zokusebenzisa umhlaba ukuze zivikeleke ekulethweni kwemisebenzi kanye nokufakwa kwezicelo esimweni lapho kuhlukaniswe umhlaba;

9.1.4 Igunya lokuthatha izinyathelo ezidingekile zokuthola umyalelo wasenkantolo obophezela ukuthi umnini noma umsebenzisi womhlaba noma wezakhiwo ukuthi ahlangabezane nezidingo zeSikimu Sokuhlelwa Kwamadolobha esimweni lapho abanini bomhlaba noma bezakhiwo behluleka ukuhlangabezana nezidingo zeSikimu Sokuhlelwa Kwamadolobha ezibaluliwe;

9.1.5 Igunya lokuvumela izicelo zokuklama kabusha imingcele yedolobha maqondana nomhlaba ngokusebenzisa umthetho osetshenziswayo obekiwe;

9.1.6 Igunya lokwenza izincomo kanye nokuphawula okumaqondana nezicelo ezifakiwe ukuthi ziqedwe, zimiswe noma ukuchitshiyelwa kwemibandela ebeka imithetho, ukulethwa kwamatayitela ezakhiwo ngokuhambisana nesikimu sokuhlelwa Kwamadolobha, ngaphandle kwezimo lapho kunesigaba esiguqulayo ngokuhambisana noMkhandlu sikhona etayiteleni;

- 9.1.7 Ukukhishwa kwezitifiketi, ngokuhambisana nezidingo zeBhodi yaMadolobha esiFundazwe, sokuthi umfakisicelo ofake isicelo sokusungulwa kwedolobha, esehlinzekele ngemisebenzi egculisa umkhandlu;
- 9.1.8 Ukukhishwa kwesigaba sezakhiwo kanye nezitifiketi zabasulile kanjalo nezitifiketi zokwenziwa kwemibandela yetayitela lezakhiwo ukuze sihambisane nemibandela yomkhandlu wesikimu sokuhlelwa Kwamadolobha;
- 9.1.9 Igunya lokubhekela izicelo ezifakiwe ukuze zivunyelwe ukuthi zisetshenziswe ngokuhambisana neSikimu Sokuhlelwa Kwamadolobha. Ezimweni lapho, ngokubona kwayo, isicelo esifakiwe singaba nomthelela othize emphakathini wendawo, noma esimweni lapho isicelo siphikiswa ngabanini bezakhiwo zendawo, kumele isidlulisele eMkhandlwini ukuze uthathe isinqumo;
- 9.1.10 Ukuphatha uHlelo lokuSetshenziswa koMhlaba;
- 9.1.11 Igunya lokwenza imisebenzi yokuthuthukiswa komnotho wendawo, kumbandakanya nokuthuthukiswa kwezimboni;
- 9.1.12 Igunya lokwenza imisebenzi yezokuvakasha ngokuxoxisana noMnyango Wesifundazwe ofanele kanye noMasipala Wesifunda ofanele;
- 9.1.13 Isekele imeneja kamasipala ekuhlelweni koHlelo oluDidiyele lweNtuthuko lukaMasipala;
- 9.1.14 Igunya lokuqoka iziphathimandla emnyangweni wayo njengabamele abezempilo kanye nezokuphepha bomnyango wayo ngokwezihlinzeko zoMthetho weZempilo Nokuphepha eMsebenzini (uMthetho No. 85 ka-1993);
- 9.1.15 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusebenzisa amandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko zanoma yimiphi imithetho yedolobha okuphatha okunikezwe umsebenzi wumkhandlu kamasipala.

9.2 Imigudu yokubika.

Ibikela imeneja kamasipala.

10. IZINHLOKO ZEMINYE IMINYANGO

10.1 Amandla adluliselwe zonke iziNhloko zeMinyango

- 10.1.1 Ukunikeza noma ukudlulisela kwesinye isikhathi ikhefu, ukuvumela ikhefu lokugula, ukuvumela ukuthi ikhefu liwelele komunye unyaka, konke lokhu ngokubhekela abasebenzi bomnyango futhi ngokuhambisana nezimiso ezibekwe kwimibandela yekhefu yoMkhandlu;
- 10.1.2 Ukugunyaza, ngokubonisana nemeneja kamasipala, ngokusetshenziswa kwemali, ukuhlahwa kwemali okulingene nenani elikhona ngokuhambisana nohlamvu 18 obekiwe;
- 10.1.3 Ukuzibandakanya kanye nokuqeda ukusebenza okungena ngezikhathi ezithile ngokubonisana nemeneja kamasipala;
- 10.1.4 Ukumema izicelo zamabhidi ngokuhambisana nenqubomgomo Yokuphathwa Kokuthenga;
- 10.1.5 Ukukhangisa ngezikhala zemisebenzi yabasebenzi emva kokuvunyelwa yimeneja kamasipala;
- 10.1.6 Esimweni lapho kuqokwe umuntu omusha, emva kokuvunyelwa yimeneja kamasipala uma lokho kuqokwa kubophezela ukuthi lowo oqokiwe ashintshe indawo yakhe yokuhlala ngenxa yokuqokwa emsebenzini, ukunikeza imvume ngokwenqubomgomo yomkhandlu yokukhokhela izindleko zokuthutha maqondana nokuthuthwa kwezimpahla zomqokwa, inqobo uma kuvezwe obufakazi obuphathekayo bezindleko ezakhekile;
- 10.1.7 Ekubonisaneni nemeneja kamasipala, zinqume ngesiqinisekiso sokuqokwa komqashwa oqokelwe ngesimiso sokunikezwa isikhathi sokusebenza ngaphambi kokuthi aqokwe ngokugcwele ngokubheka indlela asebenza ngayo kanye nekhono lokusebenza komuntu oqokiwe, kweyame ezinhlinzekweni zomthetho wezokusebenza;
- 10.1.8 Ngokubonisana nemeneja kamasipala futhi kuncike ekutheni ukunikeza imvume akuphazamisi ukusebenza komsebenzi, ukunikeza imvume kumsebenzi ofake isicelo sokwenza omunye umsebenzi;

10.1.9 Ukuvumela, emva kokubonisana nemeneja kamasipala kanye neSikhulu esiPhezulu seziMali, ukudluliselwa;

10.1.10 Ukuqokwa kwabasebenzi okwesikhashana emnyangweni ngokubonisana nemeneja kamasipala kuncike kwisabelomali esabiwe;

10.1.11 Igunya lokusebenzisa imali ngokwezimiso zezimali ezibekwe kwinqubomgomo yophathwa kokuthenga;

10.1.12 Igunya lokwenza imisebenzi kanye nokusebenzisa amandla anikezwe umkhandlu ngokwezihlinzeko zanoma yimiphi imithetho yedolobha, ukusingathwa kwayo okunikezwe lowo msebenzi wumkhandlu kamasipala.

10.2 Imigudu Yokubika.

Zibikela imeneja kamasipala.

1. UKUDLULISA AMANDLA OKUTHENGA

Bheka isithasiselo "A"

(Umnyango wesiFundazwe wMgcinimafa uzokhipha usomqulu ongumkhombandlela ngokuhamba kwesikhathi okhombisa imigomo yokusebenza yomqulu wokudluliswa kwamandla)

12. AMANDLA KAMASIPALA EZIMALI, EMISEBENZI, IZIBOPHEZELO KANYE NOKUDLULISWA KWAMANDLA

Kunconywe ukuthi omasipala basebenzise usomqulu we-**IMFO** otholakala kwi-MFMA ukuze kubhekelwe ukudluliswa kwamandla ezimali.

ISITHASISELO A**UKUDLULISA AMANDLA OKUTHENGA**

Ukudlulisa amandla okuthenga okuqukethwe lapha kusebenza njengomkhomandlela wokulekelela omasipala kanye nezimpahla zikamasipala ekusebenziseni uhlaka olufanele futhi olusebenzayo emakomidini okukhishwa kwamabhidi knaye nakwiziphathimandla zikamasipala, ngokubhekela imigomo enqunyiwe yokusetshenziswa kwezimali.

1. Ukuqhathanisa imithetho

Ngokwezigaba 79 kanye no-106 zoMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala, imisebenzi kanye nezibophezelo zeziphathimandla ezigcina amabhuku ezimali maqondana nokwabiwa kwamandla, ibekwe ngokusobala.

2 Uhlaka lokudluliswa kwamandla okuthenga

Okulandelayo kuthathwe Kwimithethonqubo Kamasipala Yokuphathwa kwezezokuthenga (iGazethi kaHulumeni No. 27636/2005, Isaziso 868 sika-2005 sangomhla zingama-30 kuNhlaba 2005) maqondana nokudluliswa kwamandla okuthenga futhi okumele isetshenziswe yibo bonke omasipala.

2.1 Ukudlulisa amandla owadluliselwe**Umthethonqubo 5:**

“(1) Isiphathimandla esigcina amabhuku ezimali kumele ngokweSigaba 79 soMthetho, sidlulisele amandla esiwadluliselwe maqondana namandla kanye nemisebenzi yokuphathwa kwezokuthenga, kumbandakanya nalawo mandla adluliselwe iziphathimandla ezizibophezele ukuphendula ngokomthethonqubo 4(1), kodwa lokho kudluliswa kwamandla anikezelwe kumele kuhambisana nomtheshwana (2) kanye nomthethonqubo 4.

- (2) *Amandla okukhipha umklomelo wokugcina –*
- (a) *Inani elingaphezulu kwezigidi eziyishumi zamarandi (R10 million) (kumbandakanya nentela yentengo) angeke labelwa amandla yisiphathimandla esizibophezele ukuphendula;;*
- (b) *inani elingaphezulu kwezigidi ezimbili zamarandi (R2 million) kumbandakanya nentela yentengo), kodwa elingevile ezigidini eziyishumi zamarandi (R10 million) (kumbandakanya nentela yentengo), lingabelwa amandla kodwa kuphela –*
- (i) kwisikhulu esiphezulu sezimali;*
- (ii) umphathi omkhulu;*
- (iii) yikomidi lokukhishwa kwemisebenzi yamabhidi lapho isikhulu esiphezulu sezimali noma umphathi omkhulu oyilungu lekomidi;*
- noma;*
- (c) *kungeqi enanini eliyizigidi ezimbili zamarandi (R2 million) (kumbandakanya nentela yentengo) angadluliselwa amandla abikwe kodwa kuphela –*
- (i) kwisikhulu esiphezulu sezimali;*
- (ii) umphathi omkhulu;*
- (iii) umphathi obophezeleke ukubika kwisikhulu esiphezulu sezimali noma umphathi omkhulu; noma*
- (iv) yikomidi elikhipha imisebenzi yamabhidi.*
- (3) *Isiphathimandla noma ikomidi elikhipha imisebenzi yamabhidi lapho amandla okuklomelisa kokugcina edluliselwe ngokuhambisana nomtheshwana (2) kumele ezinsukwini ezinhlanu zokuphela kwenyanga ngayinye kunikezwe isiphathimandla okukhulunywe ngaso emtheshwaneni (4), umbiko oqukethe imininingwane yokuklomelisa ngakunye okwenziwe yisiphathimandla noma yikomidi ngaleyo nyanga, kumbandakanya -*
- (a) *inani eliklonyelisiwe;*
- (b) *igama lomuntu oklonyelisiwe; kanye*

- (c) *nesizathu esibalula izizathu zokuklonyeliswa kwalowo muntu.*
- (4) *Umbiko obhaliwe okukhulunywe ngawo emtheshwaneni (3) kumele unikezwe*
- (a) *isikhulu esizibophezele ukuphendula, lapho kukhishwe umklomelo –*
- i. yisikhulu esiphezulu sezimali;*
 - ii. umphathi omkhulu;*
 - iii. yikomidi elikhipha umsebenzi wamabhidi lapho isikhulu esiphezulu sezimali noma umphathi omkhulu eyilungu lekomidi; noma*
- (b) *isikhulu esiphezulu sezimali noma umphathi omkhulu obhekele ukukhishwa kwebhidi okuqondanwe nayo, lapho kukhishwe umklomelo*
-
- i. ngumphathi okukhulunywe ngaye emtheshwaneni(2)(c)(iii); noma*
 - ii. yikomidi lokukhishwa kwemisebenzi yamabhidi lapho isikhulu esiphezulu sezimali noma umphathi omkhulu engesilo ilungu lekomidi.*
- (5) *Imitheshwana (3) kanye no – (4) ayisebenzi ekuthengisweni kwempahla okwenziwe ngemali encane yezindleko ezithile.*
- (6) *Lo mthethonqubo angeke wathathwa njengovumela isiphathimandla esadluliselwe amandla okwenza imiklomelo yokugcina; ukuthi senze umklomelo wokugcina ngenqubo yokuncintisana yokukhishwa kwemisebenzi yebhidi ngaphandle kokukwenza ngaphandle kwenqubo yekomidi ehlinzekwe kumthethonqubo 26.*
- (7) *Akukho ukuthathwa kwezinqumo ngokwanoma yimaphi amandla kanye nemisebenzi yokuphathwa kwezokuthenga okungabelwa amandla kumaluleki noma kumsebenzi wangaphandle kukamasipala.”*

2.2 Uhlobo lwezinqubo zokuthenga

Umthethonqubo 12

“(1) Inqubomgomo yokuphathwa kwezokuthenga kumele, yeyame kumthethonqubo 11(2) ohlinzekela ngokuthengwa kwezimpahla kanye nemisebenzi ngendlela –

- (a) yokuthenga ngemali encane, efike enanini elingangezinkulungwane ezimbili (R2000) (kumbandakanya nentela yentengo);
- (b) yokubhala noma yokuthumela ikotishini yokuthenga efike enanini elingaphezulu kwezinkulungwane ezimbili zamarandi (R2 000) kuya kwizinkulungwane eziyishumi zamarandi (R10 000) (kumbandakanya nentela yentengo); kanye
- (c) nemali ebiziwe ebhalwe phansi ngokusemthethweni yokuthenga okungaphezulu kwenani eliyizinkulungwane eziyishumi zamarandi (R10 000) kuya kwizinkulungwane eziyingamakhulu amabili (R200 000) (kumbandakanya nentela yentengo); futhi
- (d) nenqubo yokuncintisana ngomsebenzi webhidi –
 - i. yokuthenga okungaphezulu kwenani eliyizinkulungwane ezingamakhulu amabili (R200 000) (kumbandakanya nentela yentengo), kanye
 - ii. nokuthenga kwezivumelwano zesikhathi eside.

(2) Inqubomgomo yokuphathwa kwezokuthenga ingavumela isiphathimandla esizibophezele ukuphendula:

- (a) ukuthi sehlise, kodwa singenyusi, umehluko wezimali ezibekwe kumtheshwana (1); noma
- (b) siyalele ukuthi –
 - (i) inani elibiziwe elibhalwe phansi noma elishiwo litholakale nganoma yikuphi ukuthenga ngenani lokuthenga elingaphansi kwezinkulungwane ezimbili zamarandi (R2 000);
 - (ii) inani elibiziwe elibhalwe phansi ngokusemthethweni litholakale nganoma yikuphi ukuthenga okuthize ngenani elingaphansi kwezinkulungwane eziyishumi zamarandi (R10 000); noma
 - (iii) inqubo yokuncintisana ngomsebenzi webhidi ilandelelwe nganoma yikuphi ukuthenga okuthize ngenani elingaphansi

kwezinkulungwane ezingamakhulu amabili zamarandi (R200 000).

- (3) *Inqubomgomo yokuphathwa kwezokuthenga kumele ibeke ukuthi –*
- (a) *lezo zimpahla noma imisebenzi angeke ngenhloso yahlukaniswa izingxenye ngenani eliphansi ngenhloso yokugwema ukuhambisana nezidingo zenqubomgomo; futhi*
 - (b) *uma kunqunywa inani lokuthenga, izidingo zezimpahla noma zemisebenzi ezinezingxenye ezahlukeni kumele ngokushesha zithathwe futhi zidingidwe njengezithengwa ndawonye.*

UKUBONGA

1. Umasipala waseMngeni
2. Umasipala waseMhlathuze
3. ILGM
4. DBSA
5. UMnyango kaMgcinimafa waKwaZulu-Natali
6. Ithimba lokuBonisana Phakathi koMasipala besiFundazwe

SALGA

Umasipala wesiFunda saseMkhanyakude

Umasipala wesiFunda Ilembu

Umasipala waseMlalazi

Umasipala wase-Greater Kokstad

Umasipala waseMpendle

Umasipala waKwaDukuza

Umasipala waseMhlathuze